# *Ukutshala Izimali*

Ngibonga kakhulu. Ngingathanda cishe impela ukuzwakalisa imizwa yami, njengoba uMfowethu Palmer ethe, "Ngingumlaleli okahle." Ngikujabulelile ngempela lokhu, kulokhukusa, bengingeke ngiphuthelwe yilokhu ngalutho ukuze ngizwe laba bafowethu abehlukene, nalabo abanikeza lobu bufakazi.

2 Umfowethu osanda kucula ubelokhu eza ebandleni lethu enhla lapho, nelakhe. . .ngamazi omama wakhe nodadewabo, lapha, nge, o, iminyaka eminingi. Angikaze ngifike etabernakele ngesikhathi ukuba ngimuzwe ecula, futhi nje bengizokuphakamisa, futhi khona-ke uyafika, wase ethi ubezolicula. UMfowethu, lapha, uthe u—ubezolicula naye, ngakho ngathi, "Ungathola esakho namhlanje ebusuku." Ngakho, sizokujabulela ukukuzwa lokho.

3 Kuhlala kuyi. . .inhlanhla enkulu kangako ukuba khona, lapho, uBukhona beNkosi. Futhi njengoba lapho kungukuthi, njengoba umfowenu eshilo, ukuthi kunenyama eningi kakhulu emahlelweni ethu ehlukene esibizela kude komunye nomunye, futhi, kodwa kukhona uMzimba, uMzimba oyimfihlo kaKristu, Lowo nguMzimba sonke esiza kuwo ngaMoya munye, sibhaphathizwe kulowoMzimba owodwa, futhi khona-ke siba yizakhamuzi zoMbuso weZulu.

4 Manje, ngikholwa ukuthi sifanele siphume lapha ngeleshumi namb-. . .[Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Ini?) ["Singahamba ngemva kwehora leshumi nambili nqo."] O, ngabe yileso kuphela isikhathi enginaso, amahora amabili nje? Ngithi ukuphoxeka. Niyazi, kungithatha isikhathi eside ukusho lokho engi, cabangayo, kodwa, futhi ngiyabonga ngezethameli ezingibekezelelayo, kodwa bengikusho nje lokho. Manje, amazwi ambalwa nje kosomabhizinisi nabo bonke abalapha.

5 Futhi ngifuna ukusho ukuthi kube yisikhathi esihle kakhulu; izolo kusihlwa inhliziyo yami ibifudumele, ngisho nalapho ngifika ekhaya, njengoba basho, uJohn Wesley wathi, mayelana nokuthi "esifubeni sakhe," ukubona ukuthi uNkulunkulu wethu usaphila. Futhi asidingekile ukuba siqagele ngalokhu, U—Ungophathekayo, kungukubalula bokwemukela nje lokho Akushilo nokukubona kwenziwa kube ngokuphathekayo, niyabo, iZwi liyiMbewu, futhi uma leyoMbewu ifakwa emhlabathini ofaneleyo ngaphansi kwezinga lokushisa elifaneleyo, Iyokhula uma Imila, futhi siyazi ukuthi leliZwi liyamila, ngoba LinguNkulunkulu qobo lwaKhe, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu,

uLizwi wayenguNkulunkulu," kusenguNkulunkulu, "Wenziwa inyama wakha phakathi kwethu."

6 Sibonga kakhulu ukuzwa iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iGreek Orthodox, nabo bonke ndawonye, bebuthana ndawonye endaweni eyodwa enkulu. Futhi ngikholwa ukuthi uJakobe wemba umthombo, nesitha samxosha, futhi wawubiza ngokuthi "Ububi," futhi wemba omunye umthombo, futhi bamxosha, futhi wawubiza ngokuthi "Umbango," wemba omunye umthombo, wayesethi, "Kukhona indawo yethu sonke." Ngakho, ngicabanga ukuthi lokho kuthi akube ngendlela okungayo, uLuther wemba owodwa, noWesley wemba owodwa, manje sinowodwa, kukhona indawo yethu sonke. Ngakho, ake sime nje sonke siphuze kulo mthombo owodwa. Uma ugibele ikamela elinesifumbu esisodwa, noma ikamela elinezifumbu ezimbili, noma ikamela elinezifumbu ezintantu, usengakwazi ukuza futhi uphuze, yilokho kuphela, sisohambweni lwethu.

7 Ngiyacabanga manje, emva kwemizwa yethu emincane yamancoko nokunye nokunye, njengoba ngicabanga ukuthi kuhle, ngisho noNkulunkulu qobo lwaKhe unamancoko, niyazi, ngicabanga ukuthi besifanele nje sikhothamise amakhanda ethu umzuzwana, ngaphambi kokuba sisondele kuleliZwi, okomkhuleko.

8 Baba wethu, Nkulunkulu omkhulu nonamandla, O, umculi wethu usanda kuzwalalisa yonke imizwa yethu, "Umkhulu kangakanani," sisondela kuWe eGameni loMntwana waKho othandekayo, iNkosi uJesu, uMhlatshelo wethu, futhi njengoba siza sikulesi sakhiwo singena eBukhoneni baKho ngokukholwa, sibuka ngapesheya koMhlatshelo wethu esiHlalweni saKho sobukhosi, sazi ukuthi Usithembisile uma sicela utho eGameni laKhe siyakuphiwa khona. Sizozama ukufunda iZwi laKho futhi sikhulume ngaLo. Manje, makuthi uMoya oNgcwele uthathe iZwi uLitshale ezinhliziyweni zomunye nomunye wethu, soka izindebe ezikhulumayo nezindlebe ezizwayo, futhi kwangathi Lingawela emhlabathini olungileyo ukuze liveze ngokuphindwe kayikhulu. Siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

9 Uma. . .Abantu abaningi bathanda ukuthatha izindawo emBhalweni, ngokuvamile, lapho abefundisi befunda khona, ngingathanda ukudonsela ukunaka kwenu eVangelini likaMarku oNgcwele isahluko se 10, siqala ngevesi le 17, okokufunda ukudonsa kulengqikithi:

> *Esephumele endleleni, kweza* kuye *egijima,* eguqa ngamadolo *phambi kwakhe, bambuza, Mfundisi oMuhle, yini. . .ukuba ngi—ukuthi* ngibe *nokuphila okuphakade na?*
>
> *UJesu wathi kuye, Ungibizelani ngokuthi ngimuhle na? kakho omuhle munye kuphela, okungukuthi,*

*uNkulunkulu.*

*Uyayazi imiyalo, Ungaphingi, Ungabulali, Ungebi, Ungafakazi amanga, Ungamamuki, Hlonipha* futhi . . . *Hlonipha uyihlo nonyoko.*

*Wasephendula wathi kuye, Mfundisi, konke* lokhu ngiku*gcinile kwasebusheni bami.*

*Khona uJesu embona em*thanda*, wathi kuye, Usilelwe yinto yinye: hamba, uthengise ngakho konke* onakho*, uphe abampofu, khona-ke u*yakuba *negugu ezulwini: woza, uthabathe isiphambano* sakho*, ungilandele.*

*Kepha wanyukumala ngalelozwi, wamuka edabukile: ngokuba wayenengcebo enkulu.*

10 Ngingathanda ukudonsa i—indikimba kulokhu mayelana nendaba yokuthi *Ukutshala Izimali*. Futhi ngicabange ukuthi lokho kungehle kufaneleke okwemizuzu embalwa, ngikhuluma nosomabhizinisi bedolobha mayelana nokutshala izimali, ngoba noma yimuphi usomabhizinisi uhlale njalo, uma engusomabhizinisi omuhle, enentshisekelo ekutshalweni kwezimali okuhle. Lokho kubonakala kuyilokho abathanda ukukwenza, ukwenza u—ukutshala izimali okuhle, ukutshala izimali okuzwakalayo, ngoba kuyakhokhela, ngaso sonke isikhathi.

11 Futhi kulokhukusa ngifuna ukukhuluma nani madoda, noma ngabe, uma bekhona lapha, i . . . ekutshalweni kwezimali engazi ngakho. Esikhathini esithile esedlule ngabuzwa umbuzo ngumfundisi othandwa ngabantu webandla leBaptisti, engaphuma kulo, wathi, "Mfowethu Branham, ngizwa ukuthi ukanye neFull Gospel Businessman."

Ngathi, "Yebo, mnumzane, kunjalo."

Wathi, "Unabhizinisi lini neFull Gospel Businessman na?"

Ngathi, "Ngi—ngingusomabhizinisi."

Wathi, "Usomabhizinisi?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Ukuliphi ibhizinisi na?"

Ngathi, "Umshwalense."

Futhi wathi, "Ini?"

Ngase ngithi, "Isiqiniseko."

Wathi, "Hlobo luni na?"

Ngathi, "UkuPhila okuPhakade."

Uma noma ubani, nina bafo nifuna ukuxoxa nami ngepolisi, ngemva komhlangano, ngizojabula ukuhlangana nani, futhi—futhi sikuxoxisane.

12 Esikhathini esithile esedlule, umngane engangifunda naye esikoleni, ungumdayisi womshwalense, futhi uyindoda elungile, nginomfowethu odayisa umshwalense, kodwa kuyenzeka nje ukuthi anginawo neze umshwalense, futhi ngakho ngi, angimelene nalutho nakho, kodwa ngi . . . umfana uyenyuka ngesinye isikhathi, igama lakhe nguSnyder, umfowabo ungumfundisi weBaptisti, uWilmer wathi kimi, wathi, "Billy, ngingathanda ukuthi ngikhulumisane nawe ngomshwalense othile."

Futhi ngathi, "Wilmer, ngiyabonga," ngathi, "ngi— ngizokhuluma nganoma yini enye, kodwa," ngathi, "senginawo umshwalense."

Wayesethi, "O, ngiyaxolisa." Wathi, "Unamuphi na?"

Ngathi, "Nginesiqiniseko."

Futhi yena . . . Nomkami wangibuka sengathi ngangingumqambimanga, wama, futhi wangibheka ngqo, ngoba anginawo umshwalense.

Futhi wathi, "Billy, unamuphi umshwalense na?"

Ngathi, "Ngathi, 'Isiqiniseko.'"

> Isiqiniseko esibusisiweyo, uJesu ungowami!
> O, ukunambitha okungaphambili okunje kwenkazimulo yobuNkulunkulu!
> Ngiyindlalifa yensindiso, ngithengwe nguNkulunkulu,
> Ngazalwa ngoMoya waKhe, ngagezwa eGazini laKhe.

Wathi, "Kuhle kakhulu lokho, Billy, kodwa ngeke kukubeke phezulu lapha emathuneni."

13 Ngathi, "Kuzongikhipha, angikhathazekile ngokungena, ngifuna ukuphuma." Ngakho, ungazihluphi ngokungena lapho, kungukuphuma. Ngakho, yilokho engifuna ukukhuluma ngakho.

14 Umfo onemali ufuna ukuyibeka ekutshalweni kwezimali okuhle, kusobala. Indoda ethi, enokuningi ngokungathi, sithi, amadola ayizinkulungwane eziyishumi, ingathanda ukuwabeka ekutshalweni kwezimali okuthile. Ungayigcini ephakethenі lakho, ngoba uyazi ukuthi amasela azoyintshontsha, futhi ngakho, awufuni ukwenza lokho. Ngakho-ke, ufuna, uma ungokahle, usomabhizinisi ozwakalayo, ufuna ukuyibeka kokuthile okuzo . . . kuzokhipha imihlomulo, ufuna ukukufaka kokuthile ukuze uthole inzuzo enkulu kakhulu, niyazi ngamathalenta aseBhayibhelini, ngakho-ke kufanele uyisebenzise kokuthile okuzokhipha imihlomulo ngakho, ibhizinisi elithile elizwakalayo elihle.

15 Bese kuthi-ke, ekwenzeni lokhu, anifuni ukukufaka entweni ethile engezwakali, akekho umuntu ongafuna ukwenza

lokho. Omuhle, usomabhizinisi ohlakaniphile ubengeke ayicabange into enjalo, nina madoda beningeke nikwenze lokho, niyifake kokuthile oku, okunye kwalokhu lapha, omaceba ngobusuku obubodwa futhi ungazi ukuthi uvelaphi, kungcono uqaphele ngalokho, uzolahlekelwa yikho konke onakho, ngoba kuwukugembula. Futhi ukugembula akusilo ibhizinisi elihle, elizwakalayo, kuyi. . . kuneshansi kukho, futhi, awufuni ukuthatha lolohlobo lwamashansi, kodwa ufuna ukuyifaka kokuthile, kokunye okuhle, okuzwakala ngokuqinile okukhokha imihlomulo emikhulu, into ethile ezinzile, ethembekile, into ethile oyaziyo ukuthi ikhokhelile, futhi kuye kwafakazelwa ukuthi izokhokha. Lapho unokuthile okufana nalokhu uku in-. . . ukwenza ukutshala izimali kwakho, ngani, khona-ke uzizwa uqiniseka ukuthi u—unento ethile ezayo, ungaqinisekisa ngenkathi ufaka imali yakho kulokho, kodwa uma ibhizinisi lingelihle kakhulu, awu, ngeke ufune ukulizama, icebo elithile elihle, elithembekile, into ethile ezokukhokhela kahle.

16 Futhi lombusi osemncane ocebile, njengoba sikubiza kanjalo eBhayibhelini, wedlula ithuba elikhulu kakhulu, waba nethuba lokubeka ingcebo yakhe yalelizwe ecebweni eliqinisekisiwe, kodwa wehluleka kukho, akakwenzanga. Wanikezwa ithuba lokuthi akwazi ukuthola inzalo kukho, futhi enze ukutshala izimali okukhulu, kodwa we—wehluleka ukwamukela lelothuba, kangangoba, njengoba abaningi bethu benza namuhla, futhi sithola ukuthi kubi kakhulu, kodwa siyakwenza, manje, nakuba lelicebo ayelinikeziwe laqinisekiswa ngokuphelele ukuthi lalizwakala. Ngenkathi uJesu efika emhlabeni, Wafakazisa ukuthi Wayeyilokho Athi Wayeyikho, ukuthi WayenguNkulunkulu, ebonakaliswe enyameni, ngokuba Wakuletha kwe—kwelamanqamu wayesethi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa."

17 Ngakho, lensizwa yayinjengaloNyaka omkhulu, ocebile waseLawodikeya esiphila kuwo, babone ithuba elikhulu loku—ukutshala izimali entweni ethize, kodwa akuthandwa ngabantu. UJesu wayengesiyo iNdoda ethandwa ngabantu ngosuku lwaKhe, kuphela phakathi kwabampofu nabangafundile, ibandla losuku lwaKhe, ihlelo losuku lwaKhe, noma, izinkolo zehlelo, azihlangene ngalutho naYe, kodwa kufanele ukuthi kwakukhona *okuthize* ngaYe, ukuthi lomfo esemncane ocebile ayekubonile kuJesu, lokho angazange akubone kwabanye. Futhi waba nomqondo ojwayelekile, omuhle wokuza futhi abuze ukuthi engenzani, ngoba wayebone kuJesu ukuthi kwakukhona imfanelo ukuthi okwakhe. . . akazange akubone kunoma ubani omunye, kodwa, niyabo, wayecebe kakhulu ngezinto zezwe. Sinesithombe esithandekayo salokhu oNyakeni waseLawodikeya eSambulweni 3, "Ngokuba uthi ucebile, futhi awusweli lutho; kanti nokho awazi ukuthi ungolusizi, ompofu, oyimpumputhe, olusizi, ohamba-ze, futhi kawazi."

18 Kungumcabango omubi kabi kanjani lokho, ukucabanga ukuthi umuntu angaba yimpumputhe, noma angaba sesitaladini ehambaze, lokho kuyinto embi kabi, kodwa ingxenye yakho embi kakhulu ingukuthi, yindoda ekulesosimo, kodwa nokho ayikwazi. Ukube lowo muntu wayazi ukuthi wayekuleso simo, wayezozama ukuzisiza, kodwa ekubeni kuleso simo futhi engazi ukuthi ukuleso simo, futhi awukwazi ukumtshela okuhlukile.

19 Leso yisithombe esisibonayo namhlanje, ukuthi, abaningi bethu bantu sibona uNkulunkulu enyakaza ngalezinsuku zokugcina, sibona uMoya oNgcwele ufika phakathi kwethu, futhi uqinisekisa zona impela izithembiso zeBhayibheli uKristu athi ziyokwenzeka, futhi nokho, ngokwehluka kwethu ngamahlelo, nesivumokholo sethu, nokuma kwethu emphakathini, njengoba leyonsizwa yaba nakho, yenqaba ithuba njengoba ikwenza, noma, njengoba yenza. Babesaba ukwenza ukutshala imali, yayincamela ukubambelela ezintweni eyayinazo: ukuthandwa ngabantu, imali, ukuhaha, esikhundleni sokufaka ukutshala imali kwayo, ngenkathi i. . . ithuba lingqongqoza emnyango wayo, eMbusweni kaNkulunkulu.

20 Angikholwa ukuthi noma ngubani, lowo. . . othanda uKristu, ongahlala emhlanganweni, njengoba kwenzeka kokwangempela, ogcwaliswe ngoMoya, ukuthululwa kwePhentekoste ngalolusuku, futhi abone bona impela uBukhona bukaJesu Kristu bushaya phansi phezu kwabantu, futhi enze, futhi enze izinto Athembisa ukuthi ziyokwenziwa ngalolusuku, futhi (indlela kuphela ongayenza ingukuthi. . .) ufulathele ithuba uNkulunkulu akunika lona ukuba ube yingxenye yalo.

21 Into ewukuxhamazela engaka eyenziwa yilomfo osemncane, ukufulathela lelithuba, futhi into engukuxhamazela kangaka amahlelo ayenzayo namhlanje, esikhundleni sokwamukela, nokusingatha uMoya oNgcwele, futhi bakhohlwe ukwehluka kwawo, kuhlukanisa ubuzalwane futhi bazame ukudonsa basuse amaqembu amancane ngemva kokulandela kwawo.

22 Siyathola, ukuthi eSambulweni 3, oNyakeni waseLawodikeya, esiphila kuwo manje, encazelweni yami yomBhalo, ukuthi lapho uMlayezo usufikile woNyaka waseLawodikeya, njengoba wenzile onyakeni ngamunye, futhi unyaka ngamunye wawunesithunywa, esiphuma kulolusuku lokugcina, futhi sithola ukuthi lelobandla lalicebe kakhulu, futhi babengavumelani kakhulu naYe, baMkhipha ebandleni, ngoba ngunyaka webandla kuphela esiwutholayo, ngisho nange, awu, singacabanga i, uNyaka weBandla lase-Efesu, neSardesi, nayo yonke iminyaka yebandla njengoba yayinjalo, kuze kwehlele ngisho nasoNyakeni weFiladelfiya, o, oNyakeni weBandla kaWesley, nokunye nokunye, ngisho nakuyo yonke leyo minyaka, Akazange akhishelwe ngaphandle, kodwa

oNyakeni weBandla laseLawodikeya Wayengaphandle, kodwa wayesangqongqotha, ezama ukungena ebandleni laKhe uQobo.

23 NgoBukhona baKhe bobuNkulunkulu, njengoba kwakunjalo ngenkathi Esemhlabeni, uNkulunkulu wayekuMuntu oyedwa, manje uNkulunkulu useBandleni laKhe, ukuPhila kwaKhe kuhlukaniselwe abantu baKhe, uNkulunkulu ephila phakathi kwabo, ezama ukubahlanganisa ndawonye eMzimbeni oyimfihlo kaKristu, obizwa ngoMlobokazi waKhe. Futhi lapho Ezama ukwenza lokho. . .Futhi Uzokwenza, njengokuba umprofethi asho, kuyavela, umanduleli waKhe woKufika kwaKhe kokuQala, wathi, "UNkulunkulu angavusa abantwana kulawa matshe." Futhi namhlanje, ngenkathi izibusiso zehlela phezu kwamaPentecostal eminyakeni edlule, futhi bazehlukanisa, kubonakala sengathi bengenakho ukukholwa, uNkulunkulu angakwazi ngeMethodisti, ne-Orthodox, nokunye nokunye, ngalamatshe ukuvusela u-Abrahama abantwana.

24 Futhi nake nacabanga, bazalwane bami, nake, kwake kwafika kini emBhalweni, ukuthi ngalo kanye usuku intombi elele ifika ngalo ukuzothenga amaFutha, kwakuyilolosuku Afika ngalo na? Lapho nibona iGreek Orthodox, ama-Episcopalians, amaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, bengena, belambele Leli, "Singawatholaphi lawa maFutha," khumbulani, kwakungalelohora uMyeni afika ngalo. Ake sibheke ukutshala izimali kwethu, lapho kukhokha khona.

25 Manje, baMkhipha emahlelweni abo, babengaMfuni. Umbusi osemncane ocebile wahamba edabukile, nakuba uphawula ukuthi kuthi lapha emBhalweni, "uJesu embona wamthanda." Futhi Ubathandile lababantu kulezizinhlangano, bangabantu bakaNkulunkulu, Wabathanda, futhi Unikelile, futhi unikele iminyaka engamashumi amahlanu edlule, ithuba lokwenza okunye ukutshala imali kuYe, hhayi esakhiweni sebandla, kodwa ngamandla nokuvuka kukaKristu, nokwamukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Akuthandwa ngabantu, impela akuthandwa, akukaze kuthandwe ngabantu. Noma yini uNkulunkulu ake ayenza emhlabeni ayizange ithandwe ngabantu kusukela ekuqaleni, ayithandwa kakhulu ngabantu, ihloswe ukuba ibe ngaleyondlela. UJesu akazange yini abize abaFarisi ngezindonga ezicakiwe na? Wathi, "Ngumuphi koyihlo ongazange azingele abaprofethi na? Nicaka amathuna abo manje, kepha yini enabafaka lapho."

26 Balakhela phezu kwento ethize enkulu, iMethodisti phezu kukaJohn Wesley, indoda enkulu, iLuthela phezu kukaMartin Luther, nokunye nokunye, futhi manje, amaPentecostal azama ukwakhela ithuna into ethize, yayiyiminyaka engamashumi amahlanu edlule, baphume kulolu hlobo lwesiphithiphithi, futhi manje, bakubuyisela emuva ngqo futhi, sipholisha a—amathuna alabo esibafakile. Kunjalo.

27 Manje, lepholisi enkulu yesiqiniseko engicela ngamunye ukuba atshale kuyo imali namuhla, asibheke emuva, futhi zonke izinto zifanele zibe njenganoma yiliphi elinye ibhizinisi, ngaphambi kokuba senze ukutshala imali kwethu, sifanele sithole mayelana ne—nenkampani, noma mayelana nento esizama ukuyithenga. Futhi ngicabanga ukuthi kungaba kuhle, kulokhukusa, kulemizuzu embalwa ezayo, uma siphenya abanye babanikazi balepholisi ukuze sithole ukuthi kwenzekeni, yiyona kuphela indlela yokwenza lapho uzokwenza ukutshala imali ebhizinisini. Ngokuvamile uzodlula bese uthi kumuntu wakini, "Ngabe. . .Kuthiwani ngale nkampani *Ethize-thize* na? Kuthiwani ngaleli bhizinisi *Elithize-thize* na?"

28 "Awu, lenze *lokhu* ku*S'bani-bani*. Lenze *lokhu* ku*S'bani-bani*, futhi lakhokha ku*lokhu*. Futhi lamabhondi, lawa amakhuphoni, amakhuphoni ebhange likahulumeni, futhi akhokhele ngamaphesenti angamashumi amabili nanhlanu," nokunye nokunye.

29 Ukuthi. . .Kuhle ukukuphenya, futhi uthole ngaphambi kokutshala imali yakho.

30 Ngakho, njenge. . .hhayi impela umthengisi weziqinisekiso kulokhukusa, kodwa ngikhulumela Owodwa, asibuyele emuva futhi siphenye, futhi sithole abanye abanawo, abanye abanawo abayibamba iNto ebengizama ukunitshela yona ukuba nibambelele kuyo, lelo yiZwi likaNkulunkulu, iZwi lesithembiso saKhe kungakhathaleki ihlelo noma isivumokholo, abesilisa nabesifazane abathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, kungakhathaleki ukuthi noma ubani wayecabangani ngakho, sifuna ukuthola abanye abanawo futhi sibaphenye.

31 Ake siqale emuva ngo—ngowayenawo omdala, ebengingacabanga ngaye, eminyakeni eminingi edlule. Igama lakhe kwakunguNowa, wayengumlimi ocebile, futhi siyathola ukuthi ngenkathi enempahla enhle phezu komhlaba, ngolunye usuku uNkulunkulu wakhuluma naye, futhi ngokuvamile lapho uNkulunkulu ekhuluma, kuphambene kakhulu nemicabango yasemhlabeni yaleyonto, kuhlukile kakhulu nomkhuba wesimanje wosuku, kuze kuba umuntu owamukela ipholisi, abanye abantu abangenayo ipholisi, noma abangazi lutho ngayo, abakaze bayixoxisane, bacabange ukuthi umuntu uyahlanya ngokuyamukela, bekuhlezi kungaleyondlela.

32 UNkulunkulu watshela uNowa, ngesithembiso, "Ngizobhubhisa izwe, futhi Ngifuna ukuthi wakhe umkhumbi. Thatha izinkuni epulazini lakho, futhi—futhi ungabe usazenza izihlahla zomthunzi, kodwa Ngifuna wakhe umkhumbi, owokusindisa ukuphila kwakho." Futhi uNowa, ngokulalela lokho, akuzange kubhekane nemicabango yabo yesayensi yesimanje. Niyazi, siyafundiswa, ukuthi saba nempucuko enkundlwana khona-ke kunaleyo esinayo manje, uJesu wathi,

"Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaNowa, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," impucuko yesimanje.

33 Futhi sitshelwa uGenesise ukuthi babengakaze babe nemvula yehla emazulwini, uNkulunkulu wanisela ngenkasa, umhlaba wawumile uqonde ngqo, awuzange uncike emuva, futhi sasingenana kwemvula; futhi nakhu kufika umuntu, eza ngaphambili ngepholisi, ayeyinikwe nguNkulunkulu, ukuthi ukwahlulela kwakuza, futhi ukuphela kwendlela yokuphunyuka kukho, ukuthi kwakuza isenzakalo esikhulu esifana nemvula, amanzi ayezowa evela ezibhakabhakeni. Mhlasimbe amanye amadoda abo esayensi yesimanje ayengaphakamisa amathuluzi awo, futhi athi, "Singayidubula inyanga ngerada, futhi ayikho into enjalo njengamanzi esibhakabhakeni. Umuntu uyahlanya ngokuphelele, myekeni, uzozihlaza."

34 Uma leso kungesona isithombe sekholwa lesimanje, namhlanje, lithathwa njengohlanya ngokuphelele, linamadlingozi, liyahlanya. Ngibonga umfowethu ekugcineni lapha, ngokuncoma kwakhe, "Ngavele ngaba yisiwula ngokwenele ukukholwa iZwi." Kulungile lokho. Ngi—ngifuna ukuhlala ngiyisiwula. Ngibone isayini encane ngesinye isikhathi, ngitshelwa ngendoda phandle eCalifornia, yayinepuleti elikhulu phambi kwayo lapha, yathi, "Ngiyisiwula sikaKristu," futhi emhlane wayo, kunophawu lombuzo, kwathi, "Wena uyisiwula sikabani?" E-hhe.

35 UNowa wayeyisiwula emehlweni ezwe, ngalolosuku, ngenxa ye. . .Ngenxa kaNkulunkulu, nangenxa yeZwi, kodwa wayenepholisi eyayizokhipha imihlomulo, eyayizokhokha ekusindiseni impilo yakhe. Njengoba ngike ngasho ngaphambili, ingahle ingakwazi ukubhekana nakho konke ukunyakaza kwesayensi. Bangase bazame, namuhla, ukusho ukuthi lokhu imizwa nje kuphela, njengoba omunye umzalwane afakaza, ngiyakholwa lapha, ubengafuni imizwa, futhi lokho kuhle, ngicabanga ukuthi ziningi izinto ezisheshayo ezihambisana nakho ezihambayo.

36 Ngangifunda impilo kaMartin Luther, noma, umlando, futhi wathi kwakungesona isenzakalo esikhulu ukuthi uLuther wayengabhikishela ibandla eliKatolika, futhi azedlulele ngakho, kodwa isenzakalo esikhulu sasiwukuthi, indoda yayikwazi ukubamba ikhanda layo phezu kwakho konke ukushisekela ngokweqile okwalandela imvuselelo yakhe.

37 Kuyafana nanamuhla, akusikho kakhulu i. . .okwe—kwesenzakalo esikhulu ukubona abantu bephuma ezinhlanganweni nezinto, kodwa indoda engakwazi ukuhlala neZwi, futhi ibambe ikhanda layo phezu kwakho konke ukushisekela ngokweqile okuzama ukulandela umnyakazo onjalo, imizwa, nokunye nokunye, okwendlalela ukukholwa phezu kwakho, okungokwenyama ngokuphelele, njengoba

umfowethu oyigugu asicaphunela ngesiGreki, niyabo, bayaphuma, into efanayo, inyama, inyama, ihlelo, nokunye nokunye, kodwa omunye umuntu, okwaziyo ukubamba ikhanda lakhe phezu kwalokho, futhi ahlale no-ISHO KANJE INKOSI. Kuyiqiniso.

38 Sithola ukuthi uNowa . . . ukuthi emva kokuba sewemukele lepholisi engikhuluma ngayo kulokhukusa, isiqiniseko, isiqiniseko sensindiso, niyavivinywa njalo. Futhi kukhona njalo . . . UMbuso kaNkulunkulu akufiki ngoku, ngokubhekisisa, futhi siyazi ukuthi uvivinyiwe, yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele iqeqeshwe okomntwana.

39 Ngicabanga ukuthi yileyo indaba ngesigejane so-Elvis noRicky bethu abancane namhlanje, babengenalo uhlobo olulungile lokuqeqeshwa komntwana. UPapa wayesebenzisa, wayengiyisa emphemeni wezinkuni, futhi ngathola imfundo enhle yokuthi ngiziphathe kanjani, wayenengatsha yehikhori esinayo yonke imiyalo eyishumi ekugcineni kwayo, ngokuqinisekile yaletha ukuziphatha kahle kimi. Kubi kakhulu ukuthi asinabo obaba nomama, abaningi babo namuhla abangenza into efanayo, esikhundleni sokushushuluza ngezimoto zakudala ezinejubane, futhi baphume ubusuku bonke, namadodakazi abo asontekile kokunye . . . o, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini.

40 Manje, kodwa nivivinyiwe, nahlolwa ukuze nifakaziswe. NoNowa, emva kwezinsuku zokushumayela kwakhe, ngenkathi emi emkhunjini womnyango wakhe, futhi wanika i, e, umnyango womkhumbi wakhe, njalo, futhi wanikeza ukubiza kokugcina impela, noNkulunkulu wamtshela, "SeNgiqedile ngabo. Ngena ekuphepheni okuhlinzekelwe."

41 Ngicabanga ukuthi yilapho esimi khona, singene kuleyondawana yendawo yokuphepha. Ukuhwebelana kwesono kuya ngokuba kubi kakhulu, kodwa uNkulunkulu usipha indawo yokuphepha, njengoba bengikhuluma ngakho izolo ebusuku, ukunokolotwa. Hlala phakathi lapho, ungangeni ekuhlwathuzeni, njengoba umfowethu eshilo, ungantengantenga uphume kukho, kungcono uhlale uthi du. Manje, ningayi ekuhlwathuzeni ezimisweni nezimfundiso ezingaphikiswa, hlala neZwi, hlala noKristu; ukwazi Yena kungukuPhila, hhayi ukwazi isivumokholo saKhe, hhayi ukwazi iNcwadi yaKhe, hhayi ukwazi lutho, kodwa ukwazi Yena kungukuPhila.

42 Sithola ukuthi uNowa, ake senze umdlalo wasesiteji omncane wakho, sekuba leyithi, futhi uNowa wabatshela, "Lolu wubizo lwenu lokugcina, nginepholisi lapha, isiqiniseko sokuthi lizokuna, angikhathali ukuthi ipholisi yenu yomthetho wesayensi ithini, kodwa kungcono ungene." Bamhleka. Kwakukhona ababehlezi eduze, kusobala, futhi balalela, futhi abanye abazanga ngisho ukuba bamuzwe nhlobo.

43 Ngakho uNowa wangena, nomnyango wavaleka emva kwakhe; uNowa akawuvalanga umnyango, uNkulunkulu wawuvala umnyango. Futhi ngokho Uyokwenza futhi lapho ilunga lokugcina loMzimba kaKristu. . . Akusoze kwenzela mina umzimba oyinqaba noma wena, kungcono singene ithuba lisekhona, ngeke ube neminwe eyisithupha esandleni esisodwa, ngeke ngisho ube nezinzipho ezimbili emunweni owodwa, uzoba nguMzimba ophelele ongenabala. Lapho lelo lungu lokugcina selingeziwe kulowo Mzimba, uNkulunkulu uzovala umnyango phakathi kokwahlulela nesihe, noma, isihe nokwahlulela, bekufanele ngisho. Qaphelani.

44 Khona-ke emva kokuba umnyango usuvaliwe, ngiyamuzwa uNowa ethi kumkakhe, njengokungathi ngingalalela, futhi nomunye walabo, lapho abazalwane bekhuluma ngokuthi, leyondlela yokukhuluma ngezilimi engathi ubopheleke phansi, ngimuzwe ethi, "Manje, ekuseni amafu ayophakama, futhi lizoba—lizoba nemvula, lokhu, u—ukuduma kwezulu kuyobhonga nemibani izobaneka, futhi kuzofika imvula enkulu. Ngenze konke okusemandleni ami, kodwa ngingenile manje, futhi umnyango usuvaliwe; siyazi ukuthi kukhona okungaphezu kwemvelo okwenzekile, ngoba asizange sivale lowomnyango, Othile uvale umnyango, BekunguNkulunkulu."

45 Futhi niyazi, futhi khona-ke kwakukhona amanye amakholwa athiyeka emnceleni ama eduze, futhi alalela, akukholwa ingxenye, mhlasimbe njengombusi osemncane ocebile, kodwa athi, "Kungcono sikhuphuke. Siyazi ukuthi ubeyikhehla, elilungile, futhi uma kungafika into enjalo, sizobe simi eduze, lapho esingangena khona, o, singena ngqo, uzovula umnyango." Kodwa khumbula, uNowa wayengenayo indlela yokuvula umnyango.

46 Ungabi ngothiyeka emngceleni noNkulunkulu. Ungabi nje indoda elungile noma owesifazane olungile, gcwaliswa ngoMoya oNgcwele, ubhaphathizwe eMzimbeni ngoMoya oNgcwele. Ungathathi mahlebezi, lutho ngakho, hlala lapho kuze kube usufile, futhi impilo yakho ibe yintsha kuKristu, nempilo yakho yonke isiguquliwe. Ungawuthathi nje umuzwa, idlingozi, noma so-. . . ungakwenzi lokho, hlala lapho kuze kwenzeke okuthile ngempela okukuguqula ngokuphelele.

47 UNowa ngaphakathi, futhi manje lamakholwa athiyeka emnceleni anyonyoba enyuka futhi athi, "Mhlasimbe lingahle line, njengoba ikhehla lasho, kukhona okwenzekile, okuthile okuyisenzakalo esikhulu." Kanjalo izwe lingakubona namuhla, ukuthi kukhona okwenzekayo.

48 Futhi ekuseni kokuqala lapho uNowa evuka futhi wenyuka ukuyolunguza efasiteleni, ilanga laphuma ngokukhazimula njengoba lalihlale likwenza. Ngicabanga ukuthi uNowa wahlola, wathi, "Ake ume kancane, ake sibone ukuthi

ngangiqinisile yini." Wabuyela eZwini, obizweni lwakhe, esithembisweni sakhe, yonke into yayisemgqeni ncamashi. "Awu, U—Uvele wakubambezela, mhlasimbe kuzoba kusasa." Ngosuku olulandelayo ilanga laphuma. Awu, ikholwa elithiyeka emnceleni, liba ngumgxeki nalo, lathi, "Niyabo, kwakungekho lutho kukho." Waqhubeka waphuma.

49 Kodwa-ke ekugcineni, emva kokuba uNkulunkulu esemnike ukuvivinywa kwakhe kokugcina, ngosuku lwesikhombisa, ngalokho kusa, izibhakabhaka zazimnyama, ukuduma kwakubhonga, umbani ubaneka, khona-ke amathonsi amakhulu emvula eqala ukuna, ne—nezwe eliyaluzayo labantu laqala ukuklabalasa futhi lizingela lowo mkhumbi, kodwa kwase kwephuze kakhulu, njengentombi elele engqongqoza emnyango. Kwase kwephuze kakhulu. Ungalindi kuze kube yileso sikhathi, woza manje.

50 Qaphelani, futhi khona-ke, emva kwakho konke lokhu, imvula yaba namandla ngokwedlulele, imigwaqo iqala ukugcwala, izintamkoko zagcwala, amanzi aqala ukuphakama, abanye babo bathi, "Sizozakhela nje isikebhe futhi sintante. Sizozitholela ugodo lomphophula." Yilokho abaningi kakhulu abakwenzayo namhlanje, bezama ukuntanta bedabula ogodweni lomphophula, kodwa sithola ukuthi lwacwila; futhi bacabanga ukuthi babengakha isikebhe, futhi kuzolunga, kodwa izikebhe zabo zashona phansi.

51 Yilokho enikucabangayo namhlanje, ukuthi singakha inhlangano, noma sifundise isigejane sabantu kuyo, izohamba noma kanjani noma ngabe eyakhiwe nguNkulunkulu noma qha, kodwa into kuphela ezophumelela esivivinyweni yiBandla elakhiwe nguNkulunkulu ngeZwi, eligcwaliswe ngoMoya oNgcwele, kufanele libe ngeliyalwe nguNkulunkulu, eliphefumulelwe nguNkulunkulu, umuntu akukho angakwenzayo kulo, nguNkulunkulu futhi Yena yedwa.

52 Amanzi aqala ukuphakama emkhunjini, uNkk. Nowa mhlasimbe nomalokazana bakhe babemangala, uNowa wathi, "Yimani nje ninganyakazi, uNkulunkulu wenza isithembiso, isiqinisekiso sethu siqinisekile impela kithi." Futhi wayazi ukuthi ukwakha kwakhe kwakungokomyalelo wakhe. Futhi ngiyamangala namhlanje ukuthi besingabhekisisa yini, futhi siqalaze, futhi sithole ukuthi ukwakha kwethu kungokweziyalezo yini, ngokuba Wathi, "Uma umuntu ekholwa kiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Ngiyazibuza ukuthi ukwakha kwethu kuzoqhathaniseka yini nokuyala esinikezwe khona.

Kodwa uNowa wahlola, yonke into, onke amakhona ayegxunyekwe phakathi. Wathi, "Mama, kufanele kusebenze, uNkulunkulu ukuthembise ngalendlela."

“Ngani,” wathi, “ngabuka ngaphandle, futhi ngabona abakwaJones,” noma okunye nokunye, “ukhumbi wabo ucwile phansi ngqo, nowethu usahlezi emhlabathini!”

53 Kuthatha nje ukushushiswa okwengeziwe kancanyana, ukwahlulelwa okwengeziwe kancanyana kukaNkulunkulu ukuwukhuphula. Ekugcineni amanzi ajula futhi ajula, emva kwesikhashana umndeni wonke wezwa okuthile kunyakaza, wawushiya umhlabathi. Ngifuna nje ukuba kuYe, ngolunye lwalezi zinsuku, sengithi ukukhathala yilendlu endala yezinambuzane, sengineminyaka engamashumi amahlanu nantathu ubudala ngi—ngi, ngolunye lwalezi zinsuku, ngilindele ukuzwa okuthile kunyakaza, sifuna ukuhamba. Umkhumbi wawukhuphuka, kuyilapho abanye becwila, umkhumbi wawukhuphuka; uNkulunkulu eZwini laKhe wayesigcwalisile isithembiso saKhe. USathane wamvivinya, uSathane wazama ukumthena amandla, wazama ukumthena amandla ngabantu bangalolosuku, izinkolo zangalolosuku, ngesayense yangalolosuku.

54 Ngifunde ephepheni, izolo, ngikholwa ukuthi bekuyizolo, kuthangi, lapho isayense ithole indlela ukuthi umuntu akadingeki ukuba afe, abe nokuphila okuphakade. Awu, bacabanga ukuthi into entsha leyo? Sibe nalokho iminyaka eyizinkulungwane ezimbili; bacabanga ukuthi bathole okuthile okusha! Njengoba uDavid duPlessis ake asho, “IRussia yazishaya isifuba ngoba yayinomuntu emkhathini, sibe noYedwa emkhathini iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Siphambili kakhulu kunabo abazi ngisho nokuthi bakuphi.” Impela. UMnxuseli phakathi kwethu noNkulunkulu, nesiqiniseko, “Lapho Ngibona iGazi, Ngizodlula phezu kwakho,” lapho izahlulelo zifika. Awufuni ukuba nentshisekelo kuyipholisi enjalo na? Ufanele ube, ngoba yonke eminye izohluleka. Kunjalo impela.

55 Ekugcineni, lapho umkhumbi ekugcineni wenza ukudlukuza kwawo okukhulu kokugcina futhi ugxume lapho usuka phansi emhlabathini, iZwi lakhokha, nepholisi yakhokha ngemihlomulo, kwamsindisa yena nendlu yakhe. Ngibonga kakhulu ngalokho. Singahlala isikhathi eside kulokho, kodwa sizoqhubekela phambidlana.

56 Kwakukhona enye indoda engingathanda, eyayinepholisi, ukuba nginethulele yona kulokhukusa. Akungabazeki kodwa nizwile ngaye, igama lakhe kwakunguDaniyeli. Wathatha lepholisi yesiqiniseko sokuPhila, futhi wehliselwa eBhabhiloni ngezinsuku zakhe, kodwa uDaniyeli, ngoba wayenepholisi, wahlosa enhliziyweni yakhe ukuba angayingcolisi ipholisi yakhe, wayengeke angcolise ukutshala izimali kwakhe. (Manje, ngizofinyelela kulokho enikushilo.) Unepholisi, kodwa ungayingcolisi, uma usunayo, yeka ukuzulazula nezwe,

ziqhelelanise nalo. Futhi uDaniyeli wahlosa enhliziyweni yakhe ukuthi wayengeke alingcolise ifa lakhe ngenyama yenkosi.

57 Manje, abanye benu besifazane niyeke izinwele zenu ziqale ukukhula. Kunjalo. Abanye benu madoda, niqale nenze okuthile. Ngiyanidabukela nina bashumayeli abathi, ninamahloni ukukusho, uNkulunkulu makanihawukele, nesaba ukuthi nizoxoshwa enhlanganweni yenu. Kuthiwani ngokukhishwa emkhunjini na? Khumbula, Mfowethu, yiZwi likaNkulunkulu elisho lokho.

58 Ungangcolisi ukutshala imali kwakho. Uma usukwenzile ukutshal imali kwakho, khona-ke bambelela nakho, futhi ukugcine endaweni ephephile ngaphakathi enhliziyweni yakho, emphefumulweni wakho, hlala nakho, ungakungcolisi ngezinto zezwe. Bandla, buyelani kuNkulunkulu, sukani kulezi zinto ezincane ezindala enizilandelayo, iOneness iyanikhahlela iyanikhipha, nijoyine a—ama-Assemblies, ama-Assemblies ayanikhahlela ayanikhipha, niye kwiChurch of God, yeka ukungcolisa i—ifa lakho, yeka ukungcolisa ukutshala imali kwakho, ngabe ngishilo, buyela emuva, ukugcine kuhlanzekile, sebenzela uNkulunkulu.

59 Ngingahle ngibize, futhi nginazise ukuthi uDaniyeli, kwasindisa ukuphila kwakhe, ngenkathi bemphonsa emphandwini wezingonyama, izingonyama azikwazanga ukumudla, kwakukhona okungalungile, ngoba iNgelosi yeNkosi yayithunyelwe ukumvikela, futhi kwasindisa ukuphila kwakhe. Futhi uma kukhona noma yini enhle kakhulu kunoma yimuphi umuntu ofayo, kungukuphila. Yini enkulu kunokuphila na?

60 Ikuphi. . .? Udokotela ebengama lapha kulokhukusa, futhi akhulume ngephilisi, alisungule ngesayensi, ukuze akwenze uphile iminyaka eyikhulu, noma iminyaka eyinkulungwane na? Ngani, ubuyo—ubuyothengisa ngayo yonke into obekufanele uyithole. Impela, ubuyokwenza, ukuphila kuyathandeka. Kodwa ngizama ukukutshela nge. . .ipholisi, yesiqiniseko, ukuthi awuphili iminyaka eyikhulu, awuphili iminyaka eyinkulungwane, uphila Phakade, ngoba yisiqiniseko sokuPhila okuPhakade, futhi sifuna lokho.

61 Abantwana bamaHeberu, nabo babenepholisi efanayo nesiqiniseko, futhi impela babengeke bakhothame kunoma yini ephambene neZwi likaNkulunkulu, akunandaba ukuthi zingaki izinto ababezama ukuzibeka phambi kwabo, "Ufanele ujoyine *lokhu*, noma sizokuphonsela ngaphandle," bahlala ngokweqiniso eZwini, abazange bakhothame phambi kwanoma yisiphi isithixo, futhi lapho kufika ukwahlulela, ukuphila kwabo kwasindiswa, ngoba babenepholisi engikhuluma ngayo.

62 USimoni Petru, singahle sikhulume ngaye umzuzwana, ngoba kukhulunywe ngaye kulokhukusa. Futhi ungo. . .omunye wabaphostoli, futhi lowo owayenezihluthulelo zoMbuso,

ngamanye amazwi, ulwazi, indlela yokuvula iminyango eMbusweni, futhi sikhulume ngalokho izolo ebusuku. Ukhiye wahluthulela umnyango, futhi wawuvula, futhi sizwile ngalokho izolo ebusuku, isisekelo sokuqala. Ayikho indlela yokubuya, buyela emuva kuphela ncamashi lapho oqale khona. Umfowethu ushilo kulokhukusa, ekhuluma ngoSimoni Petru, nalokho akwenza, bukani lapho aqala khona, waqala eZenzweni, kulapho iBandla laqala khona, futhi yilapho iBandla okufanele libuyele khona, libuyele kuleso sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo esifanayo, leloZwi elifanayo likaNkulunkulu futhi ulilandele uliqede. Uma sikushiyile, khona-ke buyela kukho, indlela kuphela yokuphuma kahle wukubheka emuva, futhi uqondiswe.

63 Ngiyadubula, ngidubula ngokunembayo, futhi ngibe nezindondo eziningi. Futhi ngoluny'usuku, iNkosi yazi inhliziyo yami, yazi ukuthi ngidinga ukuphumula kancane, Yangivumela ukuba ngidubule into emangalisayo, ngesibhamu esikhulu esivamile imodeli 70 Winchester .22 ebangeni, ngadubula izinhlamvu eziyisishiyagalolunye emgodini ofanayo. Ababili eqeqebeni lamadoda emi lapho abeka isiqeshana ngemuva, athi, "Ngikholwa ukuthi ukugejile okuhlosiwe." Kwakuyini na? Ngangisiphazamisile leso sibhamu, futhi ngidlala ngaso, nayo yonke into, kwaze kwadingeka ukuthi konke ukundindizela okuncane kulunge, futhi uma kugeja okuhlosiwe, kukhona okungalungile ndawondawo. Inkampani yaseWinchester yathi, "Leso sibhamu sizodubula kuphela iyintshi leqembu emayadini angamashumi amabili nanhlanu," futhi nganginezinhlamvu eziyisishiyagalolunye emgodini ofanayo emayadini angamashumi amahlanu, kungakhathaleki ukuthi bathini, sike sasebenza ngaphambilini, sizosebenza futhi.

64 Yilokho engikushoyo namhlanje. Bathi, "Wena . . . Asikwazi ukuba nePhentekoste njengoba babenalo ngalesosikhathi, abantu ngeke bayikholwe leyonto, ungeke wakwenza. Sifanele sibe nebandla, sifanele sibe nenhlangano, sifanele sibe nemfundo ijovelwe kukho," nokunye nokunye. Uma kwasebenza emuva lapho kubadobi abangafundile ababengathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, uma kushaye okuhlosiwe ngaleso sikhathi, uma kwaphulukisa abagulayo, uma kwavusa abafileyo, kuyokwenza into efanayo namhlanje. Uma ukungqangqazela okuyikho kufakwa esibhanyini, izongena ngqo, uma ungenjalo, buyela emuva futhi uhlole isibhamu sakho, ngakho, buyela emuva, uthathe isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, futhi uthole ukuthi sinephutha kuphi; yiyona ndlela kuphela engiyaziyo ukukwenza. Kodwa kuzokwenza, ngoba kushayile ngaphambili, kuzoshaya futhi. Uma kusebenzele abaphostoli ngaphandle kwehlelo, ngaphandle kwesivumokholo, ngaphandle kokuba iMethodisti,

iBaptisti, iPresbyterian, noma *yini enye*, kwabasebenzela eZwini likaNkulunkulu, kuyongisebenzela eZwini likaNkulunkulu, kuyokusebenzela wena ngeZwi likaNkulunkulu.

65 Kodwa ufanele uthole ukuthi zikuphi izikulufu zakho ezixegayo, ngezinye izikhathi uthola, ngiyaxolisa, unqwaba yazo, ezinye zazo zize ziqine kakhulu, ufanele uzixegise kancane, kahle, ukuze wenze ukungqangqazela. Njengomculi nesiginci sakhe—sakhe, elinga izintambo zakhe, ufanele akwazi ukunkenteza kwaso. Indoda egcwaliswe ngoMoya ibingakwazi ukusho ukunkenteza kwaso, noma ngabe kukude le ngale kweBhayibheli, noma kusemuva le kweBhayibheli, kufanele kube khona ngqo eBhayibhelini, impela no-ISHO KANJE INKOSI, kufanele kulungiswe ngokuyikho, khona-ke kuyoba sesikhonkosini, khona-ke kuzoshaya indawana.

66 UPetru wayengumdobi, wayekade edubula kulokho okuhlosiweyo isikhathi eside. Uyise wamtshela ngaphambi kokuba afe, "Mhlasimbe, ndodana, sengiyindoda endala, ngibheke uMesiya, siye kusukela e-Edene, Angeke afike mhlasimpe osukwini lwami, kodwa Angahle abe khona, kolwakho. Kodwa ungakhohliswa, ndodana, ziningi izinto ezifika ngaso sonke isikhathi ethi unguMesiya, kodwa thina, lapho uMesiya efika, khumbula, sifanele sihlale neZwi ukuthi uMesiya uzoba yini."

67 Abaningi babo...niyazi, kwakukhona uJesu owavuka ngaphambi kukaJesu Kristu. Kwakukhona abaholi abavuka futhi badonsa abantu ehlane ngamahlelo namaqembu amahlelo, kodwa kwakungeyona into efanele, babhubha nayo, njengokuphika kukaKora, owathi, "Ubani ongcwele na? UMose ucabanga ukuthi uyena yedwa itshe ogwini lolwandle, akhona amanye amadoda angcwele." Kodwa uNkulunkulu wayenendlela yaKhe, noNkulunkulu wayenomuntu waKhe, noNkulunkulu wayenezinto zaKhe. UNkulunkulu uneZwi laKhe, futhi ubani ozokwenza, ngokuphambene naLo na? Hlala naLo. Manje, bhekisisani.

Wathi, "Simoni, ndodana yami, nxa uMesiya efika, uMose, ngeZwi, wathi Uyoba ngumprofethi onjengaye."

68 Ngenkathi u-Andreya esefikile, wabona uJesu, wabuya futhi wazama ukumtshela, sengiyambona uPetru wanikina ikhanda lakhe, wathi, "Ngingumdobi, ngitshale izimali emanethini kababa, ngizobamba inhlanzi, umsebenzi wami lowo. Futhi ngingumFarisi, ngakho ngivele ngikuyeke kube kanje, ngiya esontweni, ngilunge njenganoma yimuphi omunye umuntu. Yilokho kuphela. Kuhle lokho. Ngisonta ebandleni ubaba ayesonta kulo, noma, isiko, ngizoqhubeka nalokho."

69 Kodwa ngoluny'usuku wangena eBukhoneni baLona, futhi wathi nje engangena eBukhoneni baKhe, Wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona." Akazanga

yena kuphela, nokuthi wayengubani, kodwa Wamazi uyise omdala omesabayo uNkulunkulu, owayemyalile, futhi kwakungokweZwi, umProfethi. UPetru wenza ukutshala imali, waqathaza amanetha akhe. Wathi, "Wozani niNgilandele, Ngizonenza abadobi babantu." Yeka ukuthi kuhluke kanjani kumbusi osemncane ocebile owayefuna ukulondoloza umcebo wakhe! Kodwa waqathaza konke ayenakho ukuba alandele uJesu.

70 KwakunguNathanayeli, noma, uFiliphu owahamba futhi watshela uNathanayeli, mhlasimbe wayenengadi enkulu yomnqumo, wayephumile eyoyihlola. Futhi ngenkathi uFiliphu emtshela ngalokho ayekutholile, wayegxeka kancane ekuqaleni, kodwa wafika nje ukuzongenela omunye wemihlangano. Futhi kwathi nje eseMbonile . . .

71 Eyisi—eyisifundiswa somBhalo, wayazi lokho uMesiya ayezoba yikho, nokuthi ngabe kwakulungile yini ukushiya ibandla lakhe ayekulo, lababantu bomthetho ababephonsa phansi uJesu, bephonsa phansi ipholisi, futhi bethi, "Yayingalungile; yayingethenjwe; wayengumuntu ezenza uNkulunkulu; wayenguBelzabule; wayengumuntu wasendle; wayengenamuva; wazalwa ngaphandle komshado; akayanga ezikoleni zabo; wayengafundile emakolishi abo enkolo; wayemelene nezimfundiso zabo; wayedabula amabandla abo; nemfundiso yakhe yayivimbela abantu." Yilokho Athathwa ngokuthi uyakwenza, baMbiza ngo "Belzabule," futhi wathi, "Udukise abantu ngemfundiso yakhe." Manje, yilokho okwakujovelwe kuye.

72 Kodwa lendoda emesabayo uNkulunkulu, uNathanayeli, kwathi nje engangena eBukhoneni bukaJesu, Wathi, "Bhekani umIsrayeli okungekho nkohliso kuye!"

Wathi, "Rabi, Ungaze nini na?

Wathi, "Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, Ngakubona."

73 Wenza ukutshala imali. Nakho kumi umpristi wakhe nabo bonke, wayengenamahloni, wayethole into ethize yangempela, wayethole uNkulunkulu esenzweni. Wenzani na? Wathi . . . Gijima futhi wawa phansi ezinyaweni zaKhe, futhi wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli." Wenza ukutshala imali, igama lakhe alinakufa; kwakukhona labo ababekuhleka, angazi ukuthi bakuphi namuhla, lokho kukuNkulunkulu.

74 Ake sibone ngowesifazane. Kwakukhona owesifazane, mhlasimbe ilunga lebandla ndawondawo, futhi wadedelwa, kungenzeka ukuthi wayenezinwele eziphunguliwe nokunye nokunye futhi, mhlasimbe wayeyinkambiso yosuku, kodwa ngolunye usuku wenyukela emthonjeni lapho okwakukhona iNdoda engaziwa ihlezi, umJuda, ngale ngasendaweni ebonakala yonke indawo encane enamakhethini emva kwayo.

Futhi ngenkathi ekhuphukela lapho futhi . . . Wayenendlela yakhe yokuziphilisa, futhi mhlasimbe wayene . . . iziqephu ezimbalwa zikadenariyu wamaRoma ephaketheni lakhe ngaleso sikhathi, isokisi lakhe elincane ayeyifake kulo. Futhi wahamba wakhuphukela lapho ukukha amanzi. Wayekade ephumile ubusuku bonke, mhlasimbe sekuyoshaya ihora leshumi nanye wafika enhla lapho, angazi, kodwa asivele sithi kwakungaleyondlela.

75 Futhi ngenkathi esefike enhla lapho, wabona iNdoda, iNdoda evamile, hhayi umpristi, hhayi isibonakaliso esithize sehlelo kuYe, kodwa iNdoda nje ejwayelekile, futhi waYibheka, futhi Yathi, "Ngiphuzise."

Wathi, "Manje, Wena ungumJuda, Uyazi ukuthi lokho akulungile, ngingumSamariya.

76 Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi ukhuluma noBani, ubuyocela . . . " Niyabo, wayengazi ngokubukeka kwangaphandle, WayenguMuntu nje, kodwa Wabonakala elukhuni kakhulu kulokho Akusho, "Ukube bewazi ukuthi ukhuluma noBani . . . " Ngiyakuthanda lokho. Njengowesifazane omncane ekuphikeleleni kwakhe, owesifazane omncane ongumGreki owafika kuJesu . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Wathi, Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho uze lapha."

77 Kwammangaza. Wathi, "Awu, anginandoda." Niyabo, wayehlala ehlelweni, babadedela bashade nakho konke okunye, futhi baphinde bashade, futhi . . . Niyabo? Wathi, "Anginandoda."

78 Wathi, "U—usho kahle. Usube namahlanu, futhi nale ohlala nayo manje, kanjalo ayisiyo eyakho; eyokuqala yakho yayiyindoda yakho ngokusemthethweni." Niyabo? "U—u—u—uphila kanjalo."

79 Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena." Yeka umehluko kumpristi oyisifundiswa owathi WayenguBelzabule, umbhuli, noma udeveli! Wathi, "Ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena. Manje, siyazi . . . Ngifundisiwe, ngingumGreki, noma, umSamariya, njalo, ngifundisiwe ukuthi lapho uMesiya efika Uzokwenza zonke lezizinto, lesi kuzoba isibonakaliso saKhe."

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

80 Ngokushesha kakhulu wenza ukutshala imali kwakhe. Watshala izimali, futhi wagijimela emzini, futhi akabange esakwazi ukuzibamba, wayethole iparele lenani elikhulu, wayesethengise ngakho konke okunye.

81 Niyalazi isiko ngalezozinsuku, kwakungafanele ukuba owesifazane angene emgwaqeni, owesifazane walolo hlobo

futhi akhulume namadoda. Kodwa mvimbe! Zama ukumvimba! Wayethole okuthile, kwakungokoqobo.

82 NjengoNathanayeli, kwakungekhona ukuziphatha kahle kwebandla kuye ukuba alandele lowomGalile, *obizwa* ngomprofethi, ababememezile ukuthi unguBelzabule. Kwakungafanele ukuthi akwenze, kwakungesikho ngokwesonto, kwakungekona ukuziphatha kahle, wayezofakwa *esontweni* ngakho. Kodwa mvimbe! Wathola into ethile yangempela.

83 Lona wesifazane wathola into ethize yangempela. Kwakungafanele ukuthi amemeze lokhu emgwaqeni, wayengowesifazane onodumo olubi, wayemakiwe, kodwa wayesexolelwe. Wathola into ethize yangempela, futhi wawungeke umvimbe, njengokucisha umlilo ngosuku olunomoya, wayevutha, injabulo nokuthula kokuthethelelwa kwezono. Wayengasawufuni umthombo kaJakobe, wayesefumane uMthombo ophuphuma ukuPhila okuPhakade kuWo. Washiya ibhakede lakhe lapho, wayesethi, "Sengiqedile ngalento, ngifuna ukutshala imali ku*lokho*." Yeka ukuthi wayengowesifazane ohlakaniphile kangakanani, impela, wathola okuthile ayengatshala kukho imali.

84 Ake sithathe omunye umlingiswa. Bengizokhuluma ngowesifazane omncane ongumGreki umzuzwana. Niyabo, wayenokuningi ukuphikiswa, niyabo, into yokuqala, okungenzeka ukuthi kwaba yikho, wayengumGreki, wayengesuye umJuda, akungabazeki ukuthi abantu bamtshela, bathi, "Manje, awume kancane, khumbula, ihlelo lakho alikuxhasi lokho." Akwenzanga mehluko kuye, wayezwile, wayenesidingo, futhi lapho unesidingo, futhi uzwa ukuthi kukhona into ethize ezokusiza, akukho okungeke kukunqande. Uma uNkulunkulu ebiza enhliziyweni yakho, awukwazi ukukuvimba, akekho ongakwenza. Qhabo, mnumzane, uyahamba noma kanjani.

85 Sengiyababona bonke odade bebandla bathi, "Awu, uyoba yihlazo phakathi kwabantu." Lokho akuzange kumvimbe, waqhubeka. Elinye iqembu lahlangana naye, lathi, "Umyeni wakho ungusomabhizinisi, uzokushiya uma wehlela kulesosixuku sabagingqiki abangcwele." Lokho akuzange kumvimbe, waqhubeka noma kanjani; wayephikelela.

86 Kuyakhokhela ukuphikelela lapho wazi ukuthi. . . Noma ubani ongazuza ngempumelelo noma yini uyophikelela. Amadoda kuyo yonke iminyaka ebephikelela, uma beke baba yinoma yini. UWashington, ubaba, obizwa kanjalo, wesizwe sakithi, eValley Forge waphikelela, kungakhathaleki ukuthi iDelaware yayiyiqhwa kangakanani, wakhuleka ubusuku bonke, wayazi ukuthi kwakufanele awele lowomfula, futhi

wawuwela, kungakhathaleki ukuthi kwenzakalani, wawuwela noma kanjani; wayephikelela.

87 Futhi ngemva kokuba lona wesifazane esefikile kuJesu, bheka lapho! Nakhu okwenziwa ukukholwa kwangempela: Lapho usuthole igugu, lapho uthola le pholisi, angikhathali ukuthi bangaki abantu abazama ukukudikibalisa, noma ngabe bayakukhipha ebandleni lakho, noma benza noma yini abayifunayo, usaphikelela, ufuna ipholisi.

88 Yileyondlela uJakobe ayeyiyo, akwenzanga mehluko ukuthi wayefanele enzeni ukuze athole lobo buzibulo, wayebufuna. Futhi singena kulesosimo, siba nokushisekela, khona-ke siyaphikelela. "Awu, ngiyanitshela, mina, e, uMama wayeyiPentecostal, ngizokhuleka ngedlule kulobubusuku, kodwa ngi, niyabo, mina o, ngikhathele kakhulu." Mmf! Udinga obunye boButhi, okudingayo, into ezokwenza ukuthi uphikelele.

Waphuthumela phakathi, wawa phansi phambi kukaJesu, wayesethi, "Wena uyiNdodana kaDavide . . ." Wayengeyona iNdodana kaDavide kuye, wayengumGreki, oweZizwe.

89 Akazange amnake nhlobo, kwase kuthi-ke ekugcineni Waphendukela kuye, Wayesethi, "Angithunyelwanga ehlelweni lakho, Ngithunyelwe kuphela ezimvini ezilahlekile zika-Israyeli, yilokho kuphela eNgithunyelwe kukho."

Wathi, "Kodwa Nkosi . . ." Lokho—lokho wakuthola kahle, hhayi i*Ndodana kaDavide,* kodwa *iNkosi* kuye, "Nkosi . . ."

Wathi, "Futhi enye into, awulutho ngaphandle kwesigejane sezinja, futhi akulungile kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana futhi ngisinikeze izinja."

90 O, iPentecostal beyingeke yini iqhume kulokho! E-hhe. "Ucabanga ukuthi ngivumela umBaptisti angitshele lokho futhi azidlulele ngakho na? Qhabo, mnumzane, hhe-e, noma i-Oneness, noma okaZiqu-zintathu, noma *ini*?" Qhabo, mnumzane. Ubuyobhekisa ikhala lakho emoyeni futhi uhambe. Kodwa hhayi yena, wayefanele enze uku—ukutshala imali, wayedinga ukutshala imali. Amen. Kungakhathaleki, yena . . .

91 Ukukholwa kwangempela koqobo kuyohlala njalo kuvuma ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyiqiniso, akunandaba ukuthi izimo siyini. Wathi, "Kuyiqiniso, Nkosi, Awuthunyelwanga kithi. Kuyiqiniso, Nkosi, ukuthi angilutho ngaphandle kwenja, kodwa ake ngiKunike uhlangothi lwami lwakho, angibhekile zona izibusiso abanazo, ngibheke imvuthuluka." O!

92 "Manje, Nkosi, uma Ungivumela ngipholishe, ngehlele lapho, futhi ungibeke idikoni ebandleni, uma Ungivumela ngibe igosa lesifunda, ngizothi ukukucabanga." Wena mzenzisi, awukuqondi. Ufuna ukuzofuna imvuthuluka. Ufuna ukuza futhi . . .

93 "Nkosi, uma Uzonginika khona ngaphandle kokukhuluma ngezilimi, noma uma Ubunganginika khona ngaphandle kokumemeza, uma Ubunganginika khona ngaphandle kwale enye into, ake nje ngikwemukele, nje—nje kuthulule kimi kancane kancane, Nkosi, ngendlela enhle ethobile." UNkulunkulu akakwenzi ngendlela yakho, Ukwenza ngokwendlela yaKhe uQobo. Niyabo?

94 Ngishumayela esikhathini esithize esedlule, nenenekazi lathi kimi, noma, hhayi inenekazi, kwakungu—uthisha kaSonto sikole eBandleni leFirst Baptisti, wathi, "Billy, angikwazanga ukungena ebandleni ukukuzwa, kodwa bengimi ngaphandle." Wathi, "Bengikujabulela lokho obukusho kodwa lowo wesifazane wasukuma." Futhi wathi, "Uqale ukukhala, futhi wehla ngesikhala esiphakathi nezihlalo," wathi, "wonke lowomsindo uvele ungenze ngibe namaqhuqhuva avela emhlane wami wonke."

95 Ngathi, "Uyazi ukuthini? Uma ucabanga ukuthi umsindo lowo, uphila ezweni elithule kunawo wonke owake waphila kuwo. E-hhe. Uyogodolela ukufa, uma ungake ufike eZulwini, ngokuba uma uya eZulwini, kuzoba . . . ngukuhlabalasa nokumemeza nokudumisa uNkulunkulu ubusuku nemini, iziNgelosi zizungeze iSihlalo sobukhosi, zimemeza, 'Ungcwele, ungcwele, ungcwele, wena Nkosi uNkulunkulu uMninimandla onke!' Uma usesihogweni kukhona ukukhala izinyembezi nokulila nokugedla kwamazinyo. Uhlala endaweni ethule kakhulu." Impela.

96 Manje, kodwa owesifazane omncane ongumGreki waphiyekelele, wathi, "Yebo, Nkosi, ngiyavuma ukuthi Okushoyo kuyiqiniso, futhi angibhekile uku, mhlasimbe, ukuba njengabo bonke abanye, kodwa ngi . . . "

97 Futhi khumbulani, wayengakaze asibone isimangaliso, wayengakaze ayibone noma iyiphi yalezizinto, kodwa kwakukhona ukukholwa phakathi lapho okwakholwa ukuthi leyo kwakuyinto ayeyidinga ngendodakazi yakhe. Futhi ngenkathi uJesu, isimangaliso sokuqala esenziwa lapho, phezu kwalo wesifazane weZizwe, Wathi, "Kukhulu ukukholwa kwakho." Niyabo, lokho kwaMthinta ukuze abone ukuthi wayengothandekayo kakhulu.

98 Inkathazo ngathi thina bantu namhlanje, asiqotho ngempela ngalezizinto, si*melana* namazwi ethu, siyesaba ukusho into ethize engekho emthethweni. UNkulunkulu wethembisa ukugcwalisa umlomo wakho, zikhulule kuYe, "Ungacabangi ukuthi uzothini." Kodwa siba nokuziphatha okuhle ngakho, "Uma ngisho into ethize ngokwe, ihlelo lami alizukukukholwa," bazokhahlelwa baphume, ukubulala okuhlosiwe, yebo, kukhona isijeziso kulokho, niyazi. E-hhe.

99 Kwakukhona indoda eyayithiwa uNikodima, wabona i*Nto ethize* kuJesu eyayiqinisile. Waseyeyikhehla, indoda enkulu enhlanganweni yakhe, futhi uyazi, wayefuna ukutshala imali ngoba wayefuna ukuPhila okuPhakade. Futhi weza kuJesu ebusuku, kubonakala sengathi ibhange lase livaliwe, kodwa ibhange laKhe lihlala luvuliwe, emini noma ebusuku, livuliwe khona manje. Wathola ibhange livuliwe, futhi uJesu wamnika isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Wayefuna ukuPhila okuPhakade, futhi lapho wenza ukutshala imali kwakhe ekuPhileni okuPhakade. Sithola wonke lamaqembu, futhi sekuleyithi, asibasonge.

100 Siyathola ngale kuLuka 24:49, ukuthi uJesu wathi kulababantu, ababenikele ngakho konke ababenakho, futhi babebhalisela lepholisi yokuPhila okuPhakade, uLuka 24:49, Ubatshela ukuthi Uzobapha imihlomulo kukho, Wathi, "Manje, ukuze nikhiphe imihlomulo yenu, susani konke ukwehlukana kwenu kini, yekani ukuqophisana noma ngabe ungumGreki Orthodox, nanoma ngabe uyiBaptisti, iPresbyterian," njengoba umfowethu eshilo kulokhukusa, omnyama noma omhlophe, ophuzi, onsundu, "khuphukelani lapho emzini waseJerusalema, futhi nilinde ngize Ngiyithumele." Futhi wayenekhulu namashumi amabili phezulu lapho ukuba abhalise. Futhi babhalisa, base bekhuphukela lapho ukuyokhipha inzalo yabo ekutshalweni kwemali kwabo, futhi kungazelelwe kwafika umsindo ovela eZulwini njengokuvunguza komoya onamandla. Inzalo yabo yakhokha, ihlezi ikhokha.

101 NgoSuku lwePhentekoste, kwakukhona cishe imiphefumulo eyizinkulungwane ezintathu eyayifuna ukuthola enye yamapholisi, noPetru wabatshela ukuthi kwalotshwa kanjani, wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu. Bese kuthi-ke uNkulunkulu akunike inzalo kukho ngaleso sikhathi, uzokhipha imihlomulo." Amen. Ingabe unentshisekelo kwipholisi na? Awu, kungokwalowo othandayo, kunjalo, lowo othandayo.

102 Kamuvanyana, kwakukhona insizwa ecebile egama linguPawulu, futhi yayihambahamba ibhubhisa lababantu, futhi yayisendleleni yayo eya eDamaseku, yayazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu, kodwa yacabanga ukuthi leso kwakuyisigejane sabagingqiki abangcwele. Ngani na? Wayengakaze abaphenye abanikazi bepholisi, wayegijime wangena ngaphakathi, futhi wayebahluphile, wabahleka. Abaningi bethu benze into efanayo ngenkathi sikubona, sagijima sangena, futhi sihlekise ngakho, futhi sithi, "Isigejane sabagingqiki abangcwele." Kodwa ngolunye usuku, endleleni yakhe eya eDamaseku washaywa walahlwa phansi, futhi wabheka phezulu futhi wabona leyoNsika yoMlilo eyahola uyise, uMose, noyise wadabula ehlane.

Futhi wathi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu."

103 Wathola futhi wayeqinisekile ukuthi uNkulunkulu ubenziwe inyama wakha phakathi kwethu. Wayazi ngeBhayibheli ngoba wayeqonda iZwi, ukuthi Lowo ngempela kwakunguMesiya ngempela, futhi wayekubonile ukuqinisekiswa kwakho, futhi lapho ebona ukuqinisekiswa kwakho, wayeselungele ngaleso sikhathi ukukhipha isheke, futhi wayezomtholela ipholisi. Waqhubeka wehlela eDamaseku, futhi u-Ananiya weza, wase embeka izandla, futhi wambhaphathiza, futhi wemukela uMoya oNgcwele. Kuyinto enkulu kangakanani! Yebo.

104 Ngenkathi ebona leyoNsika yoMlilo, futhi wazi ukuthi KwakuyiNkosi eyayenziwe inyama...Bazi ukuthi Lowo kwakunguMesiya ngempela, ngoba Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngaya kuNkulunkulu." Wavela eNsikeni yoMlilo, Wathi kulesi sifundo, "Ngaphambi kukaMose...u-Abrahama engakabi bikho, NGIKHONA." NoNGIKHONA kwakunguYe, wayesesihlahleni esivuthayo, futhi lapha Wenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu, onguMesiya ngokuyikho, futhi Wabuya lapho.

105 Futhi kwaba ukumkhuba uPawulu, futhi siyaqonda ukuthi waya kwesinye isizwe futhi wayifundisisa into iminyaka emithathu ngaphambi kokuba abuye, futhi wabona WayeyiZwi lenziwe inyama. Ngenkathi enza lokho wayeselungele, o, ukutshala yonke impilo yakhe nakho konke ayenakho, konke ukuthandwa kwakhe ngabantu, yonke imfundo yakhe, wathi, "Ngakhohlwa konke engake ngakwazi ukuze ngazi uKristu." Wayeselungele ukushiya ukufundisa kwakhe okukhulu kuGamaliyeli, wayeselungele ukufaka amaphepha enhlangano yakhe, wayeselungile, ngoba bamxosha noma kanjani, kodwa wayethole okuthize. Amen.

106 Wathola ifemu eyayithembekile, ngenxa yokuthi uKristu wayefile futhi wavuka futhi, futhi Wayelapha futhi kuleyoNsika yoMlilo efanayo. Haleluya! Ungesabi. Lokho kusho ukuthi, "Dumisa uNkulunkulu wethu!" Wayefuna ukutshala imali, wayengusomabhizinisi omkhulu, wayenomqondo omuhle, ngakho watshala imali, futhi waba isigqila sothando sikaKristu. O, yeka ukutshala imali akwenza! Yilokho sonke esidinga sikwenze. Kunjalo impela.

107 Isinqumo esiwubudedengu kanje pho, manje sengivala, kulowo mbusi osemncane, into ewubudedengu kanje ayenzayo, into engekho emthethweni kanje—anje pho kusomabhizinisi ukuba ayenze, lapho indoda yebhizinisi, futhi ephumelele, futhi wanikwa ithuba lokwamukela ipholisi eqinisekisiwe, uMuntu owayebonile kuYe, qobo lwakhe, amandla kaNkulunkulu uSomandla esebenza, futhi wazi ukuthi akukho muntu

owayengenza lezozinto uma uNkulunkulu engenaYe, futhi wanikwa ithuba lokuMemukela, futhi ngobudedengu, wakwenqaba. Wangencamela ukuba nokuthandwa ngabantu kwengcebo yezwe, wayengancamela ukuba nobukhazikhazi ayephila kubo. Ake ngisho lokhu ngothando nangenhlonipho: Yilokho okuyinkinga ngamabandla ethu.

108 Urabi ongumJuda, ngenkathi uJohn Rhyn ephulukiswa, niyizwile indaba yokuphulukiswa kwakhe, isinxibi emgwaqeni, futhi ngayiswa ngale esinagogeni lapho urabi eza ukuzokhuluma nami, futhi wathi, "Mnu. Branham," uJohn wayenami, wayesethi, "umnike ngagunya lini lomuntu ukubona kwakhe na?"

Ngathi, "Angizange ngimnike ukubona kwakhe."

Wathi, "Ngani, ngimnike izipho zomusa ezitaladini izikhathi eziningi." Wathi . . .

Ngathi, "Uyabona."

"Yebo."

Wathi, "Jesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, imnike ukubona kwakhe."

Wathi, "Makube kude noNkulunkulu, ukuba neNdodana, uMoya oneNdodana." Wathi, "Makube kude nento enjalo."

Ngathi, "Rabi, ingabe kunzima kuwe ukuba ukholwe yimiBhalo na?"

"Impela akunjalo, ngingumfundisi wayo."

"Uyabakholwa abaprofethi na?"

Wathi, "Ngiyabakholwa."

"Ku-Isaya 9:6, babekhuluma ngobani abaprofethi na?"

Wathi, "UMesiya."

Ngathi, "Uyoba yini uMesiya . . . Uyoba kuxhumana kuni uMesiya kuNkulunkulu na?"

Wathi, "UMesiya uyoba nguNkulunkulu."

Ngathi, "Manje, usemgqeni."

Wathi, "Nina beZizwe ngeke ninqume uNkulunkulu iziqephu ezintathu, futhi niMnike thina."

109 Ngathi, "Lelo yiKatolika, akumina lowo. E-hhe, e-hhe. Kukhona uNkulunkulu oyedwa ezikhundleni ezintathu: ubuBaba, ubuDodana, noMoya oNgcwele," hhayi oNkulunkulu abathathu, lokho kwenza umhedeni, futhi ubungeke ukuhlohle phansi lokho kumJuda, nami ngokunjalo.

110 Khumbulani, yiZwi elenza kube ngokulungule. Lokho kwaxazululwa eMkhandlwini waseNayisiya, ngiyakholwa, bathatha olunye uhlangothi. Abaprofethi abadala babuyela ezindaweni zabo neQiniso. E-hhe. Awusoze waLibulala,

Liyaqhubeka. E-hhe. Kunjalo. Bona abantu benwaya amakhanda abo futhi bemangala, beze kuNkulunkulu nje. Uma umuntu esilele ukuhlakanipha, makacele uNkulunkulu, uNkulunkulu wembula zonke izinto futhi wenza imiBhalo ifanelane. Qaphelani.

Manje, lapho lorabi, wathi, "Makube kude noNkulunkulu eneNdodana."

Ngase ngithi, "Kulungile."

Futhi wathi, "Kuyoba . . . "

Ngathi, "Ngibonise indawo eyodwa lapho Ehlulekile ukufakazisa ukuthi Wayengesuye uNkulunkulu."

Wathi, "UNkulunkulu ubengeke abe isela."

Ngathi, "Wa—Wayengelona isela."

Wathi, "Wahamba ngosuku lwesabatha waya emasimini ommbila, wakha ummbila."

111 Ngase ngithi, "Imithetho yenu yabaLevi initshela ukuthi umuntu angadabula ensimini futhi adle akufunayo, kodwa angeke akhiphe noma yini esakeni." Umthetho waKhe uqobo, wayewazi, futhi waphenduka wayesengibuka, ngase ngithi, "UJohn uyabona, akaboni na?"

Wathi, "Yebo." Wathi, "Mnu. Branham, ngizovuma ukuthi WayeyiNdoda elungile."

Ngathi, "Uzokwenza, Rabi na?"

112 Wathi, "Yebo, mnumzane," wathi, "ngaphezu kwalokho, ngizovuma ukuthi WayengumProfethi, futhi ukuba abapristi basethempelini babeMlalele, ngabe singcono kakhulu namhlanje."

Ngathi, "Rabi, uyakholwa ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu."

Wathi, "Qhabo, qhabo, qhabo, qhabo."

113 Ngathi, "Awume umzuzu, uthe WayenguMuntu olungileyo, ubungaMthemba, uma EngumProfethi, Angeke aqambe amanga, futhi Wathi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Manje, kuthiwani ngakho na?" Yebo!

Wathi, "Uma ngishumayela lokho," sasimi eBenton Harbor, wathi, "bona ezansi lapho na? Bengiyoba sesitaladini, nginxiba isinkwa sami."

114 Ngathi, "Lelo yiJuda lakho." Kunjalo na? Ngathi, "Ngingamane ngilale ngesisu sami, futhi ngiphuze amanzi engatsha, futhi ngidle amakhekhe ka-soda, futhi ngishumayele iQiniso likaNkulunkulu, kunokuba ngibe negama lami, njengelakho, kulesi sakhiwo ngezinhlamvu ezisagolide, futhi ngibe nenkunku ethosiwe kathathu osukwini." Yebo, mnumzane, iqiniso.

Izinyembezi zehla ezihlathini zakhe, wathi, "Ngizokubona kamuva."

Ngathi, "Hhayi . . . AsiMbone manje. Ngi . . ." Kodwa wabuyela emuva.

115 Manje-ke, ngenkathi engena emnyango, waphenduka, wangibuka, wathi, "UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawa matshe." Wakukholwa. Ini? Wayesaba, njengalombusi osemncane ocebile, ukwenza ukutshala imali. E-hhe. Kunjalo. Hhayi orabi kuphela, kodwa abefundisi, abantu nje, besaba ukwenza lokho kutshala imali.

116 Into ewubudedengu kanjani eyenziwa yilendoda, yenza isinqumo esinjalo. Amabandla namhlanje, lokhu kuthandwa ngabantu, ungeke uhlale uthandwa ngabantu futhi ube noKristu, uma uthanda uNkulunkulu, uzozondwa yizwe. Kunjalo impela. Ukuthandwa ngabantu, yebo, mnumzane, ukudunyiswa komuntu kunokudunyiswa kukaNkulunkulu, badinga uButhi obuncane.

117 Kodwa lensizwa ecebile, manje nansi into yenu bosomabhizinisi, futhi kufanele ngivale, qaphelani manje, ukuze ni—nizovumela lokhu kuzike kujule einhliziyweni zenu, ngokwenqaba uJesu, akuzange kumise ukwanda kwempahla, kwaqhubeka, asiyilandele isikhashana phansi eBhayibhelini, ukugeleza kwempahla yakhe kwaba kukhulu ngokwedlulele. Futhi ngenxa yokuthi ibhizinisi lakho liphakama kancanyana, ungalokothi ucabange ukuthi, ngaso sonke isikhathi, lezo yizibusiso zikaNkulunkulu, ababi bayaphumelela, niyazi. Lendoda, yaba nkulu ngokwedlulele, futhi yafinyelela endaweni yaze yaba nkulu kakhulu kangangokuthi zonke izinqolobane zayo zaqhuma cishe impela, yadingeka yakhe ezintsha.

118 Manje, yacabanga ukuthi yayenze into efanele ngokwenqaba uJesu futhi ingenzi ukutshala imali kuYe. Yayicabanga ukuthi yayi . . . yayenze into elungile, ngoba empahleni yezwe, ngizosho okuthize manje, empahleni yezwe yayicabanga ukuthi yayenze into efanele ngoba yayiphumelele. Futhi yilokho amahlelo ethu akucabangayo, ngoba ayazihlela, namaqembu abo aba ngosozigidi nosozigidigidi, bazizwa sengathi ba*yikho*.

119 Alishongo yini iBhayibheli ukuthi, "Ucebile futhi wandile ngempahla," kulonyaka, "kodwa awazi ukuthi uhamba-ze, ulusizi, umpofu, ulusizi, uyimpumputhe, futhi awukwazi ngisho"? Yeka isimo esidabukisayo kanje! Madoda bazalwane ningenzi ukutshala imali entweni enjengaleyo, ibophezele ukuthi ibhubhe. Kungani ungenzi ukutshala imali entweni efakazelwe phansi eBhayibhelini na? Futhi uyazi, nge—izindikimba engizibhale lapha, singaba lapha kulobubusuku, noma kunjalo, kulezindikimba sifakazisa ngeBhayibheli labo abenza lokho futhi bakwala.

120 Ngikukhombisa ukutshala imali kwangempela ongakwenza: Beka impilo yakho, isikhathi sakho, imali yakho, ithalenta lakho, faka yonke into onayo kuKristu. UNkulunkulu wasiqinisekisa lokhu, ngokuMvusa futhi, sizovuka ngosuku lokugcina, Wakwethembisa. Yini enye obungayilangazelela na? Ngitshele noma yikuphi ukutshala imali ongakwenza, obekungakhokha kanjalo. Ngitshele ukuthi yini ongatshala kuyo imali, kulokhukusa, futhi wenze izigidi eziyishumi zamadola, futhi kusasa ube yisidumbu. Kuyokusiza ngani na? Kumsizani umuntu uma ezuza izwe lonke futhi alahlekelwe umphefumulo wakhe na? Kuthiwani uma uthandwa ngabantu, futhi ubizwa ngo*S'bani-bani*, neDikoni, iGosa, noDokotela, umBhishobhi, iLunga, uPapa, noma ngabe ungabizwa ngani? Lokho ukudunyiswa kwabantu.

121 Ngingamane ngibizwe ngomgingqiki ongcwele ngabantu, futhi ngibe...ngibe indodana kaNkulunkulu enhliziywei yami, nokuzalwa okusha noMoya kaKristu uhlala kimi, naYe ekufakazisa ngokuqinisekiswa kweZwi laKhe futhi engenza ngiphile. "Impilo engake ngayiphila, angisayiphili," kwasho uPawulu, nokho wayengumfundisi nesifundiswa, kodwa wayiguqula impilo yakhe, lapho ehlangana noKristu, futhi wenza ukutshala imali kwakhe kuKristu, wayeyindoda ehlukile kusukela lapho kuqhubeke.

122 O, ukwanda kwempahla, impela lendoda yenza. Futhi niyazi ukuthini? UJesu wamtshela, uma uqaphela lapha, Wathi, "Hamba, uthengise ngalokho onakho, futhi ukuphe abampofu, futhi uze uNgilandele, uthabathe isiphambano sakho futhi uNgilandele, futhi uyoba nengcebo eZulwini." Niyabo? Ukwenza ukutshala imali okunje pho, kodwa wakhetha ukuba angakwenzi! Manje, kanjalo neBandla loNyaka laseLawodikeya lakhetha into efanayo, ukungakwenzi. Futhi khumbulani, ngenkathi esecebe kakhulu kabi, njengoba ibandla linakho namhlanje, abampofu balala esangweni lakhe, futhi bathola imvuthuluka kuphela ayishanela wayisa ezinjeni, uLazaru, abampofu emoyeni.

123 UJesu wathi kuMathewu 5, "Babusisiwe abampofu emoyeni, ngokuba uMbuso weZulu ungowabo." Asifuni ukuthatha leyondawo, leyondawo ebhodlokile, leyondawo ekude yokuba mpofu emoyeni, asikufuni lokho, sifuna umuntu othile asidumise, futhi sibe umuntu omkhulu. Njengoba omunye umfowethu eshilo esikhashaneni esedlule, impela wakubeka ngophawu kahle, ngenkathi ethi, "Ningaba kanjani nokukholwa, kuyilapho nihloniphana, noma nifisa u—ukudunyiswa omunye komunye na?" Ungakhathali ukuthi noma ubani uthini, ufuna izindumiso zikaNkulunkulu, inhlonipho kaNkulunkulu ibe phezu kwakho, Uyokuhlonipha kuphela njengoba ugcina iZwi laKhe. Kulungile.

124 Manje, futhi sithola ukuthi indoda empofu emoyeni

yalala esangweni layo futhi yalangazelela imvuthuluka. O, mhlawumbe, ukuba yayiSalvation Army, ibiyomnika usheleni lapho idlula, noma okuthize, ukukugcina kubukeka kabi kakhulu, niyabo, kodwa sengiyacabanga ukuthi yatshala imali ebandleni layo uqobo ngokukhulu kakhulu, kanye nenhlangano yayo eyayigcina inkulu, umuntu *othile* omkhulu.

125 Kodwa ukukhokhela kwafika ekugcineni, ekugcineni kwafika lapho, inkonzo yomngcwabo enkulu eyaba nayo, sengiyabona impohlo endala iyafika igqoke ingubo ebanzi yase ithi, "Umfowethu othandekayo, manje useseZulwini. O, wenza *ukuthi-no-kuthi*, uyilunga lebandla lethu, manje useseZulwini. O, yeka indlela esibonga ngayo ngomfowethu oligugu." Kwakuhluke kanjani eZwini likaNkulunkulu. UJesu wathi inkokhelo yakhe, yayisesihogweni. Yenza ukutshala imali okungalungile. Futhi esihogweni yabheka phezulu futhi yabona ompofu emoyeni, owayenze ukutshala imali kwakhe ekujabulela esifubeni sika-Abrahama, ya, futhi-ke yena uba yisinxibi, ifisa ukuthi . . . Yayiyikholwa elizishoyo, "Baba Abrahama, thumela leso sinxibi ezansi lapha." Kwaphindela emuva futhi, ukutshala imali kwakhe kwakusentweni okungesiyo, impahla yomhlaba kanye nokudunyiswa ngabantu.

126 Kodwa lesi sinxibi sasilele lapho silambile, futhi saba sezifubeni zika-Abrahama. "Thumela uLazaru, ulapho, lapho engathola khona amanzi okuphuza noma ngasiphi isikhathi afuna ngaso, angakwazi, lapho ejabulela izibusiso zikaNkulunkulu. Mehlisele namaconsi ambalwa amanzi ngomunwe wakhe, ukuze athinte izindebe zami ezishayo lapha, ngokuba lamalangabi ayangihlupha." Lokho yinkokhelo. Okwani na? Ukwenqaba ukwenza ukutshala imali okulungile.

127 Ningakwenzi, madoda, ungakwenzi, somabhizinisi, ngi—nginokukwethemba okwengeziwe kunalokho. Uma ungusomabhizinisi, thengisa lonke iparele onalo bese uthenga Elilodwa lenani elikhulu, wenze ukutshala izimali kwakho kuKristu, ekuPhileni kwaKhe kuwe.

128 Manje, siyaqonda ukuthi yonke into enesiqalo inesiphelo, futhi yinye kuphela into engazange ibe nesiqalo, futhi lokho kwakunguNkulunkulu. Futhi lapho iBhayibheli likhuluma lapho, angicabangi ukuthi ngilicaphuna ngokungeyikho, phambi kwesifundiswa esingumGreki, nendoda engumGreki, igama elithi *Zoe* lisho ukuthi "UkuPhila kukaNkulunkulu uQobo," khona-ke uma sinokuPhila okuPhakade, igama lesiGreki elithi *Zoe* lisho ukuthi sinengxenye yokuPhila kukaNkulunkulu uQobo, ngoba siba yingxenye yaKhe, siyindodana nendodakazi yaKhe, khona-ke sinokuPhila okuPhakade, naLokho akufi, unokuPhila okuPhakade.

129 Sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, futhi leso nguNkulunkulu. UNkulunkulu uPhakade, Akakaze aqale,

Akasoze aphela, futhi indlela kuphela esingaba Phakade naYe ngukuba sibe yingxenye yaKhe. Indlela kuphela engiba ngayo uBranham kwakungoba ngiba yingxenye kaBranham; indlela kuphela engiba ngayo uhlanga lwesintu ngukuba ngomunye wabo. Futhi indlela kuphela engingaba ngayo indodana kaNkulunkulu ngukuba yingxenye kaNkulunkulu, khona-ke ngifanele ngizalwe ngoMoya waKhe. Amen. Yilokho kuphela. Thengisa zonke izivumokholo zakho zamahlelo futhi utshale izimali ekuPhileni okuPhakade.

130 Bosomabhizinisi besilisa, bosomabhizinisi besifazane, niyabona emBhalweni, abanye abaningi kade begijima emqondweni wenu, njengoba nazi nginendlela yokukwazi, yezinye izinto, thengisani zonke izivumokholo zenu, nawo onke amahlelo enu, futhi nize nithole ukuPhila, niyamenywa, kulokhukusa, ukuza. Ungafulatheli njengoba yenza, yayingusomabhizinisi oyisiwula kakhulu, ngakho ningabi njengayo; yibani njengoPawulu, thengisa konke ukuthandwa ngabantu kwakho. Wathi, "Angikaze ngize kini ngamazwi amakhulu akhukhumele emfundo yami, ngokuba, ngoba uma ngenzile, khona-ke ubungathembela," emandleni akhe, emfundweni yakhe, "kodwa ngiza kini ngamandla nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele, ukuze ukukholwa kwenu kuphumule kuKristu."

131 Ngingawaphida amazwi akhe, noma, ngingakuphindi, kodwa ngikusho ngalendlela: Angifikanga ngimele inhlangano. Angifikanga njengesifundiswa, amazwi ami aqotshiwe, iningi lenu bantu abalungile abanemfundo bangahle bangaqondi ngisho, iqotshiwe kakhulu, kodwa ngiza kini ngamandla kaMoya, ngezibonakaliso zikaMoya oNgcwele, uNkulunkulu eqinisekisa iZwi laKhe, ukuze ukukholwa kungeke kuphumule kulokho umuntu akwenzayo, kodwa lokho uNkulunkulu akuthembisile. Asikhothamise amakhanda ethu.

132 Ngokuzithoba, Nkosi, simi embundwini lapho isinqumo sifanele senziwe, lesisikhathi esikhulu se—sejubili esisigubhayo, ngale eLife Tabernakele, sesimemo saKho, eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, kubantu baKho. Futhi sesidlule kukho ngokuphelele ngendlela engcono kunayo yonke... indlela yami yo—yokwazi, futhi ngincika kuNkulunkulu, Owazi inhliziyo yomuntu, ukuthi Uyokwembula ngendlela efanele okuhloswe ngayo, ukuthi abantu bangabona ukubuya, futhi indlela kuphela yokukwenza ukuza eqinisweni leZwi.

133 Ngiyakhuleka kuWe, Baba waseZulwini, ukuthi kungabibikho namunye wethu oyoba yisiwula kakhulu kangangokuba angala ukutshala imali okunjalo. Kwangathi singatshala isikhathi sethu, ithalente lethu, nakho konke esinakho, ezindumisweni zikaNkulunkulu, sazi lokhu, ukuthi akunandaba uma i...sizuze izwe lonke, silahlekelwa umphefumulo wethu; kwasisiza ngani na? Kusiza ngani

ukudunyiswa komuntu uma umlilo we-athomu ushisa umhlaba na? Kuyosiza ngani namhlanje, mhlawumbe lapho amatshe ethu ethuna eyontanta phezulu kwezinye izihlabathi, lapho imimoya ehewulayo. . . lapho lelizwe lishanelwa lingene elangeni ngaleya, liphonswa likhishwa endaweni yalo, njengoba lalinjalo ngaphambi kokubhujiswa kwangaphambi kukazamcolo, futhi laphonswa, esikhundleni sokuphonswa lisuka elangeni, liphonselwe elangeni na? Awasekho amanzi, kodwa umlilo kulesi sikhathi. Nezihlabathi zihhewula emhlabeni wonke ngaphambi kweminyaka eyiNkulungwane enkulu, namatshe ethu amathuna ayakhuphuka, "UDkt. *S'bani-bani*, uMfowethu *S'bani-bani,* noma uMbhishobhi *S'bani-bani*," kuyosisiza ngani lokho lapho imiphefumulo yethu ingaleya ndawo ndawo ePhakadeni na? Futhi kufanele kube, abaphilayo bayazi ukuthi bafanele bafe.

134 Njengabesilisa nabesifazane, abafana namantombazane, kulokhukusa, Nkosi, sonke siyaqonda ukuthi a—asikho lapha ukuzobonwa noma sizwiwe ngabantu, silapha e—ezinhlungwini zaseKalvari, silapha noMoya oNgcwele ezinhliziyweni zethu sikhala izinyembezi, njengoba Wenza ngeNkosi yethu ngenxa yokwenqatshwa kwaYo eJerusalema, nemimoya yethu kulokhukusa ikhala izinyembezi ngezwe elilahlekile. Siphe ukuhlakanipha ukwazi ukuthi sisondela kanjani kubo, Nkosi, asifuni ukuba balahleke, wona impela uMoya ongaphakathi kwethu ubungasilahla ngecala sifisa ukulahleka kwabo. Kodwa kwangathi uMoya oNgcwele ungahlala njalo ukhala, ushanele, size senze yonke imizamo ngethalenta lethu, ngesikhathi sethu, ngemali yethu, ngayo yonke into esinayo, akunandaba ukuthi kuncane kangakanani, sikunikela kuWe. Sisize, Nkosi, ukuthatha loMlayezo omkhulu emhlabeni ofayo.

135 Nginokuncane kakhulu, Nkosi, enginganikela ngakho, akukho khono, akukho buntu, akukho lutho, kodwa nginomphefumulo wami nje, Nkosi, iphimbo lami, futhi konke kungokwaKho, futhi ngineqiniso ukuthi lokho kukhulumela zonke lezethameli, usebenzise, Nkosi. Uma ngibe nemali, bekungeyaKho, isikhathi enginaso singesaKho, konke, konke okwami kukho konke. Siza mina, Nkosi, futhi sisize sonke, sifuna ukwenza ukutshala imali kulokhukusa eMbusweni kaNkulunkulu.

136 Xolela ubuvila bethu. Kube kubi kangakanani ukuthola lengcebo enkulu. . . Futhi ufanele kanjani uMoya oNgcwele kithi ube nokuthakasela okufanayo nalokho Owakwenza ngenkathi UkuKristu, njalo ukwenza intando kaBaba nokuyala kwaKhe, futhi Uza ukusindisa abalahlekile. Siphe isifiso, Nkosi. Kwangathi kungesuke, esifubeni sethu, lokho kuvutha, njengoba inceku yaKho enkulu, uJohn Wesley, yasho. Kwangathi kungasuki neze, kwangathi kungakhukhumala kakhulu nakakhulu, kuze kusiphonsele emadolweni ethu ukuncenga nokunxusa; sengathi kungasiphonsa emadolweni

ethu ukuze siye emigwaqweni emikhulu, nasezimphambanweni zemigwaqo, nasemakhoneni, nasemabhizinisini, nakuyo yonke indawo, emabandleni, nanoma yikuphi lapho esingafika khona, futhi sethule lokhu kuPhila okuPhakade emadodeni nabesifazane namhlanje, futhi lapho konke sekuphelile, sengathi singabuthana eKhaya laKho.

137 Njengoba sihlezi lapha, kulokhukusa, ngibuka ngale kwalelitafula, futhi ngibone uMfowethu Hierholzer, lowo ongcwele omdala omesabayo uNkulunkulu, ngizwa ngaye egibele lelogeja, futhi ngizicabange ngami njengomfana omncane ongafake zicathulo kanye ne, olayini ababili bezintambo phezu kwamahlombe ami, ngemuva kwegeja elidala. Lo ongcwele waKho omkhulu, ovela eCalifornia, wayeseMgwaqweni u-Azusa, ebona lawomadoda namahlombe awo eqhothile ngokusebenza kanzima ensimini, futhi ngihlezi nabo kulesi sidlo sasekuseni, ngingamane ngibe lapha kunokuba ngibe noMongameli, ngihlezi kulesi sigejane esihlonipha uNkulunkulu.

138 Amehlo ethu, njengoba thina bantu abasha sibuka futhi sibona obabayi nomama bethu, ukuthi balwela kanjani ukunqoba umklomelo futhi bantweze badabule ezilwandle ezinegazi, sisize, Nkosi, ukuthatha lapho beshiya khona. Siphe khona, Nkosi.

139 Futhi ngolunye usuku lapho ukuphila sekuphelile, futhi mhlasimbe singabe sisahlala ekudleni kwasekuseni kanje, kodwa siyohlala eSidlweni sakusihlwa esiyomnikezelwa esibhakabhakeni ngolunye usuku. Bese kuthi-ke iNkosi enkazimulweni yaYo yonke, nezingubo zaYo ezinkulu ihamba ngaphambili, futhi sifinyelela ngale kwetafula ukuxhawulana omunye nomunye, "Ngijabula kakhulu ukukubona, Mfowethu!" Izinyembezi zenjabulo zizogeleza ezihlathini zethu, kodwa iNkosi izothi, "Impi isiphelile, wenze konke okusemandleni akho." Khona-ke ngezandla zaYo, Izosula zonke izinyembezi emehlweni ethu, futhi ithi, "Ngenani ezinjabulweni zeNkosi, enalungiselelwa zona kusukela ekusekelweni kwezwe," ngenkathi amagama ethu afakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu.

Nkosi, sisize ukuba sibe ngababongayo kuWe. EGameni likaJesu Kristu, sengathi singaKukhonza. Amen.

140 Sisakhothamise amakhanda ethu umzuzu nje, bangaki, kulokhukusa, eBukhoneni boBukhona baKhe ohloniphekile, kulomzuzu onesizotha wokuhlola kukaMoya oNgcwele ezinhliziyweni zethu, uma ungakaze ukwamukele namanje ukuPhila okuPhakade, makuthi iNkosi nami sibone isandla sakho siphakama? kuyilapho abanye babo belokhu begebise amakhanda abo. Ungakwenza na? Phakamisa isandla sakho, uthi . . . UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu anibusise,

wena, esakhiweni sonke. Phakamisa isandla sakho, uthi... UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. "Ngifuna ukuPhila okuPhakade." UNkulunkulu anibusise, abasha nabadala. Kunjalo. "Ngifuna ukutshala konke enginakho, ngifuna ukutshala umphefumulo wami, ngifuna ukutshala isikhathi sami, ngifuna ukutshala konke enginakho ukuze ngizuze ifa lokuPhila okuPhakade. Ngizwa uKristu ungibizela ukuthi ngenze lokho, futhi ngizokwenza namhlanje." UNkulunkulu akubusise. Futhi uNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, yebo. Buthule. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Akubusise, dadewethu. Kunjalo. "Ngifuna ukutshala imali kulokhukusa, Nkulunkulu. Angibambile isandla sami ukuze lowomfundisi angibone, ngibambe isandla sami ukuze Ungibone, Uyayazi inhliziyo yami. Ngifuna ukukwenza, ngifuna ukuthengisa yonke into enginayo, ngifuna ukudayisa konke ukuthandwa ngabantu kwami, kuyo yonke impahla yami yasezweni yemibono yezinto."

141 Manje, angiqondile ukunikela ngempahla yakho, angiqondile lokho. Ngiqonde ukuthi, izinto obambelele kuzo ezikuvimbayo kulokhu kutshala imali. Bosomabhizinisi, angiqondile ukuthi yekela ibhizinisi lakho, uNkulunkulu ukufake kulelo, hlala nalo, kodwa beka imivuzo yakho emsebenzini waKhe ngandlela thize. "Ngizokwenza ukutshala imali kwami, Mfowethu Branham."

142 Angaba khona omunye na? Kube neshumi nambili noma ngaphezulu. Engaba khona omunye na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Omunye ngaphambi kokuba sikhuleke na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane, isinqumo esihle kakhulu leso. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mfowethu, laphaya.

143 Bangabakhona abefundisi lapha na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kuhle lokho. "Sengilungele, Mfowethu Branham, anginendaba, ngizohlala neZwi likaNkulunkulu, kungakhathaleki. Ngeke...ngiyazi ukuthi akuthandwa ngabantu, kodwa ngizohlala nakho, ngakho ngisize Nkulunkulu, ngizokwenza ukutshala imali kwami kulokhukusa. Ngizoba ngusomabhizinisi kaNkulunkulu, ngizobeka lelo thalente enginalo enkazimulweni yaKhe, naseMbusweni waKhe, futhi ngiyeke ukulithengisela ingcebo yezwe." UNkulunkulu akubusise, mfowethu ongumKristu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu ongumfundisi. UNkulunkulu akubusise, mfowethu ongumfundisi. Kuhle lokho. "Ngizokwenza." UNkulunkulu akubusise, mfowethu ongumfundisi. "Ngizokwenza."

144 UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. "Ngizothengisa konke, ngizohlala neZwi." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, dadewethu emuva lapho. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu, yileyondlela, Akubona ngayo. UNkulunkulu anibusise, bafowethu, nobabili lapho ndawonye. UNkulunkulu anibusise ngapha, nina laphaya. UNkulunkulu akubusise mfowethu, wena Dadewethu. Kunjalo. Wena, mfowethu.

145 Khumbulani, ngenkathi nisesemkhulekweni, nenqaba yonke imithetho yesayense lapho niphakamisa izandla zenu. Wena uthi, "Mfowethu Branham, lokho akusizi ngalutho," kuyasiza, uma ukuqondile, kuncike ekutheni uqonde ukuthini. UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade," hhayi ukuzenzisa, kodwa ukukholwe ngempela, futhi ukuhlose. Isayensi ithi, ngokwesayense, amandla adonsela phansi omhlaba abamba izandla zakho zibheke phansi, kodwa unomoya kuwe othathe isinqumo, ngoba bekukhona omunye uMoya ngakuwe, uMoya kaNkulunkulu, wathi, "Phakamisa izandla zakho," futhi wawenqaba umthetho wesayense, futhi waphakamisa izandla zakho kuMenzi wakho. Uma ubuqondile, Ufake igama lakho kulokho kutshala imali kulokhukusa.

146 Manje, Baba waseZulwini, bangabaKho, bayizindebe zoMlayezo, izindebe zeZwi, izindebe zikaJesu Kristu, Wena wathi, "Akekho ongazihlwitha esandleni sikaBaba waMi. Wazinika Mina." Akekho umuntu omkhulu ngokwanele ukuba enze lokho. Bagcine, Baba, bathumele phambili njengezikhuni ezivuthayo ezihlwithwe emlilweni, ubenze izibani ezivuthayo zoMbuso waKho. Ngibanikela kuWe eGameni likaJesu Kristu. Amen.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org